KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

# SIMAMA

OPERATION SUKUMA SAKHE

ISSUE: 224 • SEPTEMBER 2018

USHICILELO LWAMAHHALA LWEZINDABA ZIKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL

# WORLD CLASS R1,14 BILLION MT EDGECOMBE INTERCHANGE IN DURBAN



Minister of Transport Dr Blade Nzimande together with Deputy Minister of Transport Ms Sindisiwe Chikunga and stakeholders officially opening  long awaited and much anticipated world class Mt Edgecombe Interchange in Durban.

SUKUMA 10 000

KZN IFUNDISA INTSHA AMAKHONO UKUFUFUKULA UMNONTHO

MAYELANA NEMINININGWANE NAZI IZINOMBOLO:

033 395 2709/063 505 3795



/KZNGOV

UMNU. THEMBINKOSI WILLIES MCHUNU
UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATALI

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

Sukuma Sakhe

"SIHAMBA PHAMBILI NGOBUCHULE EKUKHULISENI UMNOTHO SIZIBEKELE AMAGABELO EKULETHENI IZIDINGO NGQANGI UKUZE SIFUKULE IZIMPILO ZABANTU ZIBENGCONO,"

# OKUNGAPHAKATHI










## UKUZIKHETHELA UKUNGAKHULELWA KUYILUNGELO LOMUNTU

**IKHASI 5**
UNGQONGQOSHE wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ubuthakasela kakhulu ubudlelwano uHulumeni waseNingizimu Afrika anabo nenhlangano yamazwe omhlaba eyaziwa njenge-United Nations (UN) ngenxa yokubambisana okukhona ekulweni nokwanda kwenani labantu okwenza ubuphofu bubhebhetheke.

## I-KWAZULU-NATAL LIZOHLOMULA EMATHUBENI OKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO ALINGANISELWA KU-R270 BILLION

**IKHASI 6**
UMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho ezokuVakasha nokoNgiwa kwezeMvelo KwaZulu-Natal sewethule uhla lwamathuba okuthuthukiswa komnotho okulindeleke ukuthi angenise imali elinganiselwa ku-R270 billion esifundazweni.

## WETHULWE NGESASASA ELIKHULU OWOKUQWASHISA NGOMDLAVUZA

**IKHASI 8**
WETHULWE ngelikhulu isasasa umkhankaso kazwelonke wokuqwashisa ngesifo somdlavuza emcimbini obuKwaCaluza eMgungundlovu.

## UMASIPALA WASEMANDENI UNIKA IZAKHAMIZI USHWELE UKUZE ZIKWAZI UKUKHOKHELA IZINSIZA

**IKHASI 12**
Ukuhanjiswa eMandeni komkhankaso ogqugquzela ukukhokhelwa kwezinsiza zomasipala, phecelezi i-"Revenue Enhancement Campaign" sekulethe umehluko omkhulu emizamweni yomasipala ukuthi unyuse izinga lokukhokhelwa kwezinsiza ngamalunga omphakathi.

## UKAUNDA UVULE ISAKHIWO SAMABHASI AXHASWE NGUHULUMENI

**IKHASI 16**
UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uhlabeke umxhwele ngempumelelo esikhonjiswe ngosomabhizinisi abathutha umphakathi baseShowe kulandela ukuvulwa kwedepho yamabhasi esisezingeni eliphezulu abazakhele bona.




## REST IN PEACE

## Ms SWELIHLE CECILIA HLONGWA

**1974 - 2018**

**OTP EMPLOYEE**

## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-KZN Operation Sukuma Sakhe iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.


**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma MANDLA.MSOMI@kznpremier.gov.za
**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Cecil Mandla Msomi

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT



# MINISTER OF TRANSPORT OFFICIALLY OPENS MOUNT EDGECOMBE INTERCHANGE

On 30 October 2018, the Minister of Transport, Dr. Blade Nzimande closed the Department of Transport's October Transport Month campaign for 2018 with the officially opening the long awaited and much anticipated world-class Mt. Edgecombe Interchange. The award-winning Mt. Edgecombe Interchange is more than a masterpiece of architecture. It is a vital artery of the greater eThekwini Metropolitan highway system for easing traffic, relieving congestion and is also a significant enabler of business. The Mt Edgecombe Interchange was constructed at a value of R1,14 billion. This world-class infrastructure was completed in July 2018 with the intersection becoming another construction achievement to be added to the list of iconic bridge structures undertaken in KwaZulu-Natal by the South African National Roads Agency Limited (SANRAL), working with the KwaZulu-Natal Department of Transport and eThekwini Metro. Traffic congestion resulting in vehicles backing up on the M41 and onto the N2 affecting some 40 000 vehicles during peak hours has already become a feature of the past with the Interchange having changed the landscape of the province and country.




*Minister of Transport Dr Blade Nzimande together with Deputy Minister of Transport Ms Sindisiwe Chikunga unveiling plague on the new world class Mt Edgecombe Interchange in Durban.*

*World class Mt Edgecombe Interchange in Durban*



# IMBIZO KANDUNANKULU KU MASIPALA WASE-DANNHAUSER

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu uhambele umphakathi waseDannhauser ngokohlelo lwe-Premier's Imbizo lapho ebezolalela futhi aqhamuke nezixazululo zezinkingangqangi nezidingo ezibhekene nomphakathi waseDannhauser Local Municipality.

Lendawo ingenye yezindawo eziningi lapha KwaZulu-Natal kanye naseNingizimu Afrika yonke, ezikhungethwe ubuphofu nobubha.

UNdunankulu uthe: "Noma lesi kuyisimo esasemukela kuHulumeni wobandlululo mhla sithola inkululeko ngo1994, kukhona imizamo ebonakalayo esiyenziwe nguHulumeni wentando yeningi esingayibalula.

- Izidingo zaManzi noGesi seziyatholakala kubantu abangaphezu kuka 90% bakuloMasipala waseDanawozi.
- Umgomo weStrategic Framework for Water Services we-Department of Water Affairs and Sanitation ithi kufanele wonke umuntu angahambi ngaphezu kuka-200 wamamitha ngaphambi kokuthola amanzi angu-25wamalitha umuntu ngamunye.
- KoMaSipala abangaphansi kweMajuba iNewcastle Local Municapality yiyona enenani labantu abaningi abangu-80% abanamanzi aphuma kompompi abasezindlini.
- Lapha eDanawozi lesisibalo singu 81%. Loku kuyinto etusekayo.
- EMadlangeni Municipality khona kunabantu abaningi ababalelwa ku-41% abaphuza amanzi omfula kanti lesisibalo sehle kakhulu lapha eDanawozi.
- Zibuye izibalo zikhombe ukuthi kushoda izindlu zangasese kakhulukazi eMadlangeni naseDannHauser.
- Sikushayela izandla ukusebenza ngokubambisana phakathi koMasipala iMajuba District kanye neMadlangeni neDannhauser Local Municipalities. Enye yezinkinga ezinkulu eyokuhlukunyezwa kwabasebenza emapulazini kanye nokungabuyiselwa kubantu umhlaba wabo bebe bekade bafaka isicelo eMnyangweni wakwaRural Development and Land Affairs. Kukhona abalimi asebebone ithuba lokuceba ungunaphakade bathi ngoba uHulumeni usiza abantu ukuba babuyelwe ngumhlaba wabo babone ithuba lokubizisa amapulazi abo. UNdunankulu uqhube wathi: Sihlangene nabasebenzi izolo abasitshele zonke izinkinga zabo kulendawo. Sibona kufanele sivuselele izinhlaka zokusebenzisana komphakathi ngaphansi kukaOperation Sukuma Sakhe ukuze sixazulule ngokubambisana izinkinga zakulendawo. Zonke izinhlaka zobuholi Ezenkolo, Ubuholi bendabuko, UMaSipala, Ama NGO nama CBO nawowonke umphakathi, kufanele ubambisane usebenzele inthuthuko yaseDannhauser. Ukuza kwethu lapha eDanawozi namhlanje kungenxa yokuthi mina njengoNdunandankulu neKhabhinethi yonke siyaqonda ukuthi savotelwa ukuze sihole ngokubambisana nabantu esiFundazweni. UNdunankulu ube nomyalezo oya eMakhosini aseNdlunkulu kanye neziNduna, lapho eqhube khona wathi: "Ngifisa ukuthatha lelithuba kengicacise udaba lweNgonyama Trust ngoba lusematheni."



*UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mnchunu ehambisana noMnu Ravi Pillay onguNgqongqoshe wezeMisebenzi yoMphakathi KwaZulu-Natali, ngesikhathi behambele indawo yase-Dannhauser.*

Sizwile noNgangezwe Lakhe eMkhosini weLembe esho ukuthi uMengammeli abhale phansi ukuthi ngeke uthathwe umhlaba weNgonyama Trust.

SinguHulumeni waKwaZulu Natal ngeke savumelana nokuthi kwephucwe abantu vele abaswele, abangenamhlaba.

Sijabule uma sizwa ISilo samaBandla ukuthi sake samemezela ngokwakhiwa kwe-Ingonyama Rural Development Forum nokuwuhlaka olakhiwe yithimba elithintanayo namaKhosi, ompetha, izikhungo zokucwaninga nezezinqubomgomo.


Sikushayela ihlombe ukuthi ngenxa yokuzikhandla kweBhodi nabasebenzi, sekuqalile ukuthi abantu abahlala emakhaya bakwazi ukuthola amabhondi noma imali-mboleko yokwakha noma yokwenza ngcono umuzi noma ukuqala umsebenzi wokuhweba.

Ngalamazwi ngifisa ukuqinisekisa ukuzimisela kukaHulumeni wesiFundazwe ukwenza konke okusemandleni ukuxazulula zonke izinkinga esibhekene nazo.

Lapha eDanawozi izinkinga zasemapulazini nokubuyiswa komhlaba zingezinye ezivimbe intuthuko kulendawo.

Sizibophezela ukusebenzisana neMinyango efanele kaHulumeni kazwelonke ukubhekana naloludaba.

UHulumeni wesiFundazwe uzokwenza konke okufanele ukuguqula isimo sezomnotho lapha eDannhauser namaphethelo.



*UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mnchunu enikezela ngesihlalo esihamba ngamasondo kwelinye ilungu lomphakathi.*

# IZINDIZA ZASENGILANDI ZIZOKHULISA UMNOTHO NEZOKUVAKASHA KWAZULU-NATALI

**BONGANI SHISA TEMBE**

Kulindeleke ukuthi sihlomule kakhulu isiFundazwe saKwaZulu-Natali ngokuvulwa komzila wezindiza oxhumanisa idolobha laseLondon kanye nelaseThekwini owethulwe ngeledlule.

UMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho ezokuVakasha nokoNgiwa kwezeMvelo KwaZulu-Natal usunconywe kakhulu ngokuphumelela ukunxenxa isikhondlakhondla senkampani yezindiza i-British Airways ukuthi izindiza zayo zize ngqo esiFundazweni.

Phambilini abantu baKwaZulu-Natali bekufanele baye esikhumulweni sezindiza i-OR Tambo International noma bagibele izindiza eziya ezweni laseDubai kuqala uma befuna ukuya ezweni laseNgilandi. Lokhu bekuba nomthelela omubi njengoba izindleko bezibankulu kakhulu nohambo luphinde luthathe isikhathi eside.UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho ezokuVakasha nokoNgiwa kwezeMvelo, uMnuz Sihle Zikalala uchaze ukutholakala komzila omusha njengengqophamlando.

"Silindele lukhulu kulomzila siyisifundazwe. Uzosisiza ukuthi sikhulise umnotho wethu kwazise phela sekuzoba lula ukuthi abatshalizimali basezweni lase Ngilandi bafike bazobona amathuba esinawo siyisiFundazwe.

Nabethu osomabhinisi sebezohamba kalula uma beya phesheya kwezilwandle," kuqhuba uMnuz Zikalala.

Umzila omusha uzophinde ukhulise ezokuvakasha njengoba izwe laseNgilandi linabantu abaningi abathanda ukuvakashela isiFundazwe, kusho uNgqongqoshe. "Isivumelwano sethu nabeBritish Airways sifike ngesikhathi esihle kakhulu lapho sinomkhankaso wokukhulisa imboni yethu yezokuvakasha.

Sifuna ukuba nabavakashi abalinganiselwa ezigidini ezingaphezu kwezintathu ngonyaka ka-2030 okuzosilethela amathuba emisebenzi alinganiselwa ezinkulungwaneni ezingamakhulu amabili."

Uchaze imboni yezokuvakasha njengebalulekile kwazise phela kulindeleke ukuthi ilethe amabhiliyoni alinganiselwa ekhulwini eminyakeni emihlanu ezayo. UMnuz Zikalala uthe isifundazwe sisazoqhubeka sinxenxe ezinye izinkampani zibe nezimizila eza ngqo eThekwini.

"Singase sithole omunye umzila khona maduze nje. Kubalulekile ukuthi sibe nemizila eminingi ukuze sikwazi ukukhulisa iDube Trade Port okuyisizinda somnotho esihlanganisa isikhumulo sezindiza iKing Shaka.

Lesi sizinda kulindeleke ukuthi sibe nezimboni, amahhovisi, amahhotela kanye nokunye."



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho ezokuVakasha nokoNgiwa kwezeMvelo, uMnuz Sihle Zikalala kanye noMeya weTheku uKhansela Zandile Gumede kwemukelwa indiza ye-British Airways esikhumulweni sezindiza i-King Shaka*

# KZN Premier Willies Mchunu pledges Provincial Government support for historic Schools in the Province

Addressing the inaugural gathering of the Pholela High School Alumni Association in Durban on Saturday, Premier Mchunu announced major refurbishments for the Bulwer-based institution which, owing to years of neglect dating back to 1937, is in a serious state of deterioration. Premier Mchunu was a learner at Pholela from 1964 to 1967. Following a visit during Cabinet Operation Sukuma Sakhe in 2016, the Department of Education conducted an assessment and found that conditions at Pholela were also unsafe. Premier Mchunu welcomed the financial injection to revamp Pholela High School.

"Pholela will be extended into a larger educational centre, offering a mix of commerce, science, engineering and graphic art-focused curriculum. It is expected that the new school will be ready for handover in 2022, with the intake increasing from 800 to 1000 pupils. The Departments of Education and Public Works are leading the tender process for both the major refurbishment and minor repair and maintenance of Pholela High School. "We must see ourselves as post-apartheid missionaries who want the child of Africa to have a good, if not world-class education. Like similar historic formerly church-run institutions, Pholela High School must continue to live and grow even stronger. We want choices for the children of KwaZulu-Natal, not fewer.

At the same time, those educational choices must provide a safe, secure, healthy and productive environment for learners who are ready to function in a modern, technologically-driven world. "Mission schools such as Lovedale, Pholela and many others, were islands of quality in an environment geared to undermine the destiny of the black child. Mission education produced an intellectual class that would see themselves as no less than their white counterparts. "They instilled values of intellectual quality, hard work, discipline, honesty and spiritual uprightness, characteristics that allow any learner to thrive anywhere in the world. In many ways they also produced patriots and revolutionaries. "Today institutions like Pholela are caught between the need for quality education and the reality of inadequate infrastructure and public finances. These institutions are victims of our success in broadening access to education. Model C schools have taken up many learners who would otherwise go to schools such as Pholela, Mariannhill, Amanzimtoti, Inkamana, Inanda Seminary, Ohlange Institute, Little Flower and Ixopo Seminary among others.

"As a result these schools require funding from government. In the process, many have lost their independence and character, which previously set them apart from the rest. "The structural refurbishment of Pholela is very urgent and necessary.

We however have an opportunity to ensure proper and ethical management of the school, the redirection of the curriculum to reflect better the needs of the modern world and critically, active involvement of the community, students, parents and Alumni in ensuring the financial welfare of the school. One feature of all successful schools is this – the active involvement of the community, students, parents and alumni".



*Mr Siyabonga Mdubeki (Chairperson of the Alumni), KZN Premier, Mr Willies Mchunu and Mr Mthoko Hadebe (Chairperson of the Alumni LOC)*

# FIRST LADY LAUNCHES THE ZODWA MCHUNU FOUNDATION

**THAMI NGIDI**

On 28 October 2018 the Spouse to The Premier of KwaZulu Natal Mrs Zodwa Mchunu launched the Zodwa Mchunu Foundation (ZMF) at the Gugu Dlamini Park next to the Workshop in Durban.

Through the Zodwa Mchunu Foundation, the Spouse to the Premier wants to formalise the activities of her office. Mrs Mchunu said the ZMF would work with government on specific programmes, but also help broaden the reach and impact of the work of the Spousal Office.

The Zodwa Mchunu Foundation would coordinate the efforts of government with those of the private sector, for purposes of collaboration on social responsibility programmes.

"Working together with our partners in the private and public sectors, we can improve the lives of the citizens of KwaZulu Natal. "In particular, we have chosen to focus on the vulnerable and the destitute, Mrs Mchunu said the ZMF will work with girls and women affected by trauma and abuse. "We will be working with girls and boys affected by violence, HIV and Aids, and who as a result, are forced to head homes before their time; We will be working closely with the homeless and the displaced; We will also focus on programmes that reconstruct the family, said Mrs Mchunu. Mrs Mchunu believes that the family is central to a stable KwaZulu Natal.




"Supporting families also means supporting single parents, especially single mothers. Many single parents, under very trying circumstances, are bringing up solid and upright children who are growing up to be upright and outstanding contributors to humanity".

# UKUZIKHETHELA UKUNGAKHULELWA KUYILUNGELO LOMUNTU

THULE NZAMA

UNGQONGQOSHE wezokuThuthukiswa koMphakathi, uNkosikazi Weziwe Thusi, ubuthakasela kakhulu ubudlelwano uHulumeni waseNingizimu Afrika anabo nenhlangano yamazwe omhlaba eyaziwa njenge-United Nations (UN) ngenxa yokubambisana okukhona ekulweni nokwanda kwenani labantu okwenza ubuphofu bubhebhetheke.

Lokhu uNgqongqoshe uThusi ukusho ngenkathi kugujwa usuku lokuqwashisa ngokunqanda ukukhuphuka kwesibalo sabantu emhlabeni, olwaziwa nge-World Population Day, ebibanjelwe ezinkundleni zemidlalo, i-King Goodwill Zwelithini Stadium, eMlazi, eThekwini, muva nje.

Lolu suku lugujwa minyaka yonke ngo July 11, kodwa lapha esiFundazweni luye lwabambezeleka ngenxa yezizathu ezithile. Ekhuluma kulomcimbi obuwethanyelwe yizingane zesikole ezivela ezikoleni ezahlukene zaseMlazi, amalunga omphakathi, izikhulu zikaHulumeni emazingeni ahlukahlukene, kanye nabamele i-UN, uNgqongqoshe uThusi ukubeke ngokusobala ukuthi ukubaluleka kwalolu suku yingoba isibalo sabantu emhlabeni sikhula ngamandla, kodwa ukuthuthuka kwabo kwezomnotho akuyi phambili. Uthe: “Isimo somnotho sesishintshile. Sekushubile. Akusafani nakuqala lapho abantu babekwazi ukuthi babe nabantwana abaningi kungabi ndaba zalutho.

Yingakho isiqubulo salolu suku kulonyaka sithi: 'Ukuhlela umndeni kuyilungelo lomuntu', okukhomba kona ukuthi umuntu unelungelo lokuyohlela. Eminyakeni engama-50 edlule, iNgqungquthela yoMhlaba yakhipha isinqumo sokuthi ukukwazi ukukhulisa izingane ngendlela efanele kuyilungelo lesintu.” Ekhuluma ebhekise entsheni, uNgqongqoshe uThusi uthe: “Akufanele uthi uyingane uphinde ube nengane.

Lalelani abazali nothisha. Gwemani ukuletha abantwana emhlabeni ungashadile. “Uma ushintsha impilo yakho, uyayishintsha futhi nempilo yomndeni wakho, kanjalo nomphakathi oqhamuka kuwona.

Njengabazali benu, kumele siziqhenye ngekusasa lenu,” kusho uNgqongqoshe uThusi. “Uma usumtholile-ke umntwana usemncane, alingaphindi phela leli phutha lenzeke. Ayikho lemali yesondlo okuthiwa yenza ukuba amantombazane avumele ukuba amithe,” kugcizelela uNgqongqoshe uThusi. “Ilokishi laseMlazi libalwa nezinye izindawo lapho ziningi izingane zesikole ezithola abantwana. Uma ukhulelwa uwumuntu wesifazane, umfana uyaqhubeka yena nokuthuthukisa impilo yakhe, wena eyakho ime. Ziyashesha nezifo ukukungena uma ujaha ukuya ocansini usemncane, kanti futhi kuyawuhlukumeza umzimba wakho ukusheshe uthole abantwana. “Alikho ilungelo elithi umntwana akafike ngo-10 ebusuku ekhaya. Umntwana akawazi umthetho wakubo. Nikhumbule futhi ukuthi lithi iBhayibheli ukuqala kokuhlakanipha ukumesaba uJehovah,” kusho uNgqongqoshe uThusi. Obemele i-UN, uNkosazana Tlangelani Shilubane, uchazile ukuthi umshikashika wokulwela amalungelo okuzikhethela ukuthi ube nabantwana abangakhi nokuzinqumela wena ukuthi uzobaletha emhlabeni nini, kwaqala ngonyaka ka-1989.

Uthe: “Kunabantu besifazane abayizigidi ezingu emhlabeni abangafuni ukukhulelwa, kodwa abakwazi ukukwenza lokhu ngenxa yokuthi izindlela zokuhlela eziphephile azikho ezindaweni abaphila kuzo. “Uyakwazi ukugwema ukukhulelwa.

Ungakugwema ukukhipha isisu kanye nokuthola igciwane lesandulela ngculaza. Kubantu besifazane abayishumi abakhulelwe emhlabeni wonke, abayisishagalolunye kusuke kuyizingane zamantombazane ezisencane. Lapha eMzansi Afrika nibalwa njengezwe lesithathu lapho intsha kuyiyona ethola abantwana kakhulu,” kusho uNkosazana Shilubana.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi enikezela ngezinto zokuzicwala ezinganeni zamantombazane, wabuye wabaqwashisa ngezinkinga ezidalwa ukukhulelwa usemncane.*

# UMNCINTISWANO WEMICULO NEMIDANSO YOMDABU

MBALI ZULU

Usuku lomncintiswano wesiFundazwe womculo nemidanso yesintu liqhakambise ngobuhle bemvunulo yesentu.

Kuqhakaze ubuhlalu obunhlobobnhlobo ehholo lomphakathi eManzimtoti mhla zingu 25 -27 ku Mandulo 2018, lapho abafundi bezikole ezahlukahlukene kwisiFundazwe saKwaZulu-Natali behlanganyele kulelihholo ebeligcwele phama.

Lomncintiswano wemidanso nomculo womdabu ubuhlelwe uMnyango Wezemfundo ngaphansi kophiko lwe Co-curricular Services, oluholwa osabambile, uMnu,Themba Kubheka. Inyanga ka Mandulo izwe lonke lisuke ligubha amagugu, amasiko, nobuciko, yingakho uMnyango weZemfundo KwaZulu-Natali uyaye ube nemigubho eminingi ezikoleni ukuze uvuselele futhi ukhumbuze abafundi ngokuziqhenya ngamasiko abo. Lomncintiswano uqale ezikoleni lapho abafundi bebecijwa khona, wadlula waya kwisigaba sama Districts lapho abafundi besebeqhathwa nabanye abafundi bakwezinye izikole. Labo abaphumelele kuleso sigaba yibo laba esibabone bebuthene ehholo lase Manzimtoti begcwele bezilolongile behlobile ngemvunulo ehlukahlukene kulommkhosi. Lababafundi bebeqhudelana ngaphansi kwazo zonke izigaba okubalwa kuzo amahubo amantombazane, amahubo abafana, Ingoma yamantombazana, Ingoma yabafana ,izibongo zeSilo Samabandla kanye neNdlamu.

Lomqhudelwano uhlose ukuba uveze ikhono lomfundi esemabangeni aphansi futhi uphinde ube uhlelo oluhle lokulwa nokungaziphathi kahle kwabafundi emphakathini nasezikoleni.

Lapha bekuhlanganiswe zonke izigaba zemfundo kusuka emabangeni amancane, kuyakwabadala, kubandakanya nezikole zabafundi abaphila ngokukhubazeka (Special Schools). Ethula inkulumo uMnu Thami Mbanjwa, uMqondisi oMkhulu (Chief Director) ehhovisi leNhloko yoMnganyo UDkt Enock Nzama uthe, " kuhle ukubona abafundi behlangene ngalendlela namhlanje. Sithokozela ubuhle bamagugu kusukela kumasiko esintu, kuya kumlando wa KwaZulu. Kuyasijabulisa futhi ukuqaphela ukuthi uma abafundi behaya uyezwa ukuthi bazilolongile, " kunaba uMbanjwa.

Uphinde wabonga othisha ngomsebenzi omuhle abawenzile wokulungiselela lomncintiswano nokuthi bakhuthale njalo bangapheli amandla khona nabafundi bezokwazi imvelaphi yabo.



# USUYIHLELE IMALI YEBHONASI YAKHO?

SIBONELO MSOMI

**KUNGABE** usuhlelile ukuthi uzoyisebenzisa kanjani ibhonasi yakho kulawa maholidi okuphela konyaka?

Uma ungakayihleleli isikhathi sesikushiyile. Qala manje uhlele. Kodwa labo bantu abahlela izinto kusenesikhathi, sebeyazi ukuthi bazoyisebenzisa kanjani leyo mali, futhi sebeyazi nokuthi bazokonga malini emihlomulweni yokuphela konyaka. Bayakhumbula ukuthi uma kuqala unyaka kusenesidingo esikhulu, futhi esibalulekile, sokusebenzisa imali bebuyisela izingane ezikoleni bethenga nemifaniswano.

Lawa ngamazi kaNgqongqoshe wezeziMali KwaZulu-Natal, uNkosikazi Belinda Scott, okhumbuza abantu kulesi siFundazwe ukuthi bazihlelele kahle kwezezimali ngaphambili kokuthi kufike imiholo yamabhonasi neyokuhlukaniswa nezitokfela.

UNgq. Scott uthe kuyamkhathaza ukubona abantu becwila ezikweletini zomashonisa uma sekuqala unyaka emva kokubhubhudla izimali zamabhonasi ngiDisemba esikhathini esingaphansi kwamasonto amabili.

“Uke ubone abantu bebhubhudla imali yabo abayisebenzele kanzima unyaka wonke - bayiqede kungakapheli ngisho amasonto amabili beyiholile. “Abanye bayicitha ngokuzijabulisa baze bakhohlwe wukuthi kukhona izindleko ezibalulekile okudingeka bazikhokhele uma sekuqala unyaka olandelayo. "Abanye bangena bephuma ezitolo bethenga indathane yokudla, izimpahla zokugqoka nezasendlini, izimoto, kanye nobukhazikhazi bobucwebe okuyinto ezobajabulisa okwesikhashana. “Kubalulekile ukuthi abantu bazihlelele kahle ngaphambili kokusebenzisa izimali zabo. Lobo ngubuhlakani. Beka eceleni leyo mali ozozijabulisa ngayo bese wonga enye ukuze ukwazi ukuyisebenzisa kusasa uma sekuvela ezinye izidingo.

"Ngesikhathi uhlelela amaHolidi kaKhisimusi, cabanga ukuthi kufanele wonge imali yokukhokhela izingane esikoleni, kuthengwe imifaniswano yesikole, kukhokhelwe izikweleti zamanzi kanye nogesi," kuchaza ungqongqoshe. Uthe kumphatha kabi ukubona abantu begwiliza ezikweletini zomashonisa ngoba behluleke ekuhlelela izimali zabo.

UScott uthe ukonga yinto ebalulekile ukuthi wonke umuntu ayenze. "Hlala uzihlinzekile ngemali ezokutakula uma kuvela isimo esiphuthumayo esikhathini esizayo. Awazi ukuthi ingcindezi yezezimali izovela nini, futhi kanjani. "Kuhle uhlale uhlomile. Yiba nohlelo lokonga njalo uma kukhona imali engenayo.

Beka eceleni ingxenye yayo ukuze ube nesikhwama sokubhekana nezimo eziphuthumayo uma kuvela izingqinamba zempilo," kuxwayisa uScott.

Ziningi izindlela zokonga imali ezikhona. Ukonga imali akukhethi uhlobo lomuntu kodwa yinto yabantu bonke. Okubalulekile wukuthi umuntu azihlelele futhi akhethe ukuthi uzosebenzisa luphi uhlobo lokonga oluzohambisana nezidingo nezimo zokuphila kwakhe. UNgqongqoshe ukhuthaze abantu ukuthi bayihlelele imali yabo kusenesikhathi - bayilondoloze ebhange; bayitshale kumshuwalensi; bathenge ama-shares; badlale izitokfela; njalo njalo.

UNgq. Scott unxuse abantu ukuthi bazihluphe ngokuqinisekisa ukuthi imali yabo bayilondoloza lapho kuphephe khona futhi bakwazi nokwenza inzuzo efanele ngayo. Wexwayise labo abasebenzisa imibhede yabo njengendawo yokulondoloza imali wathi bakuyeke lokho ngoba akuphephile futhi bunobungozi obukhulu.

# UMnu SIHLE ZIKALALA

UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA, KOMNOTHO EZOKUVAKASHA NOKONGIWA KWEMVELO KWAZULU-NATAL



# I-KWAZULU-NATAL LIZOHLOMULA EMATHUBENI OKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO ALINGANISELWA KU-R270 BILLION

SIYANDA MNTAMBO

UMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho ezokuVakasha nokoNgiwa kwezeMvelo KwaZulu-Natal sewethule uhla lwamathuba okuthuthukiswa komnotho okulindeleke ukuthi angenise imali elinganiselwa ku-R270 billion esifundazweni.

Lamathuba ahlanganisa imikhakha ehlukahlukene okubalwa kuyo ezokuvaksha, ezokwakhiwa kwengqalasizinda, ezokuthutha, ezamafilimu kanye nokukhiqiza impahla ehlukahlukene. UNgqongqoshe walomnyango uMnuz Sihle Zikalala uchaze lamathuba njengabaluleke kakhulu kwazise phela azokwakha namathuba emisebenzi alinganiselwa ku-800 000 ezindaweni ezahlukene KwaZulu-Natal. “Sithanda ukubonga izinhlaka ezahlukene okubalwa kuzo osomabhizinisi kanye neminyango kaHulumeni ezisebenzisane nomnyango wethu ekuhlanganiseni kwaloluhla lwamathuba angamashumi amabili nanhlanu. Sinethemba elikhulu lokuthi lamathuba azobe eseqalile eminyakeni emihlanu ezayo”, kusho uMnuz Zikalala.

Loluhla lwamathuba lwethulwe njengeqhaza lwesifundazwe emkhankasweni wokuheha ukutshalwa kwezimali emnothweni walelizwe owethulwe uMongameli uMnuz Cyril Ramaphosa ezinyangeni ezimbalwa ezedlule.

Ngaphansi kwaloluhlelo olukhombisa ukuba yimpumelelo enkulu, elaseNingizimu Africa lifuna kutshalwe izimali ezingama-Dollar aseMelika ezingamabhiliyoni ayikhulu kuleli eminyakeni eminhlanu ezayo.“Sibonga isifundazwe ngokusukumela phezulu umbono kaMongameli



wokuheha abatshali zimali kwisifundazwe sethu ukuze sikhulise umnotho, siphinde senyuse namathuba emisebenzi.”

UMnuz Zikalala uphinde wagcizelela ukuthi loluhlelo lokutshalwa kwezimali lwesifundazwe luhlunganiswe ngesikhathi lapho kunyuka inani lezinkampani zase-Ningizimu kanye nezangaphandle ezitshala izimali kwisifundawe saKwaZulu-Natal.

Lezizindawo ezifunwa ubuthaphuthaphu abatshali zimali kuhlanganisa nalezo ezikhethekile zomnotho (Special Economic Zones) esezihehe izigidigidi esezandise namathuba emisebenzi esifundazweni njenge-Dube Trade Port eseThekwini, ehlanganisa nesikhumulo sezindiza, i-King Shaka International Airport.

“IDube Trade Port isiqalile ngesigaba sesibili sokuvula isikhala sezimboni ukuze abatshalimali basebenze kahle, kanti isigaba sokuqala sesivele siyasebenza ngokugcwele.

I-Richards Bay Industrial Development Zone nayo idlala indima enkulu ukuletha amathuba okutshalwa kwezimali kwisifundazwe”

UNgqongqoshe uphinde wabeka ukuthi umkhankaso wesifundazwe wokuheha abatshali bezimali emazweni angaphandle selube yimpumelelo enkulu.

“Emasontweni edlule besisezweni lase-China nalapho sibe nezingxoxo ezibe yimpumelelo enkulu nosomabhizisini, izikhungo zemfundo ephakeme kanye nabaholi bomasipala nohulumeni omkhulu.

Silindele lukhulu kulezingxoxo esibe nazo. I-KwaZulu-Natal Trade & Investment engaphansi komnyango wethu nebhekela ezomnotho, yenza umsebenzi omuhle wokuheha abatshali bezimali kulesifundazwe.”

Kanti kamuva nje, uhulumeni kazwelonke ubusingethe ingqungquthela yosomabhizinisi yokubakhuthaza ukuthi batshale izimali emnothweni wezwe.

Lomhlangano, bewuholwa uMongameli wezwe, uMnuz Cyril Ramaphosa, futhi uhanjelwe nawu-Ngqongqoshe woMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho nezokuVakasha noKongiwa kweMvelo, kulesifundazwe, uMnuz Sihle Zikalala.

Kwenze lokhu nje uKhuzeni ubefika eliqhamukisa kwelase-Russia lapho kade eyobonisana naleliyazwe lase-Europe malungana nokuqiniswa kwamaxhama ezohwebo nelakwaZulu-Natal.

# UKAUNDA WETHULE INGQALASIZINDA YEZIGIDIGIDI EMPENDLE

MABUYI MKARRY

Udele amakhaza abeshubisa umnkantsha umphakathi waseMpendle obuphume ngobuningi bawo ukuyozibonela mathupha uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natali uMnu uMxolisi Kaunda ehambele kule ndawo ukuyokwethula izinhlelo zengqalasizinda yemigwaqo nezodla izigidi zamarandi.

UKaunda ubehambisana neMeya yoMkhandlu waseMpendle uKhansela uSizwe Ndlela, Inkosi yaKwaNxamalala uSimphiwe Zuma, amalungu eSantaco nezinduna. Ukuvulwa ngokusemthethweni kwezingxenye zemigwaqo u-P129, u-D1357 nebhuloho iDlavudlavu bekuyingxenye yezinhlelo uMnyango wezokuThutha oziqhubayo zenyanga yezokuthutha. Umgwaqo u-P129 ufakelwe itiyela elingamakhilomitha amathathu ngemali engu-R46.3 million, uma usuphothuliwe uzoba ngamakhilomitha angu 15.5 ubude kanti uzodla imali ebalelwa ku-R398.5 million usuwonke.

Kulindeleke ukuba kuhlomule izakhamizi ezingaphezu kuka-270 ngamathuna emisebenzi.

Lo mgwaqo uzoxhumanisa izakhamizi ezingaphansi kobukhosi bakwaNxamalala lapho kuhlala khona abantu abaningi ubuye wenze kube lula ukufinyelela kalula komphakathi ezikoleni iLugaju Junior Primary, iMazwendoda Senior Secondary kanye neNzinga nomtholampilo wakwaNxamalala. Ibhuloho iDlavudlavu lona lizosiza umphakathi wakwaThunzi, iSiminza High School, iStoffelton Primary, iThunzi Primary School nomtholampilo wase Broteni/Stoffelton eMpendle.

“Kuyasijabulisa ukuthi sinabo osonkontileka abasafufusa bakule ndawo abakwazile ukuhlomula kulo msebenzi. Njengoba sesiqalile nohlelo lwethu lwezinguquko kwezomnotho okuwuhlelo olubizwa nge-Radical Socio-Economic Transformation, sizoqinisekisa ukuthi isibalo sosonkontileka bendawo siyanda. Umgomo esesiwushayile owokuthi kuyona yonke imisebenzi emikhulu esiyikhiphayo njengomnyango kufanele osomabhizinisi bendawo bahlomule ngamaphesenti angu-35,” kusho uKaunda.UKaunda ubeke kabanzi ngohlelo lomnyango lokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, nokuyinhloso yalo ukushintsha izimpilo zabo. Uthe umnyango wakhe usebenzisa uhlelo olubizwa nge-IGULA (Inclusive Growth, Unity and Economic Liberation of Africans in particular and Blacks in general), nokuwuhlelo olubhekele izinguquko ukuze kuthuthukiswe abantu ikakhulukazi abebala elinsundu. “Indlela esilusebenzisa ngalo lolu hlelo lweGula njengamanje ukuthi awukho umsebenzi okhishwa umnyango onganikezi ingxenye engu-35% ohlukaniselwa intsha , abesifazane, omakadebona bamasosha kanye nabaphila nokukhubazeka. Sikholelwa ukuthi umsebenzi olethwa emphakathini kusho ukuthi umnotho wawo kumele ubuyele kuwo futhi umphakathi, ukwazi ukuhlomula ngama projects,” kuchaza uKaunda. Uqhube wathi umnyango usungule uphiko lwe-Empowerment olubizwa nge Youth Directorate oluzobhekela zonke izidingo zabantu abasha ukubanikeza amakhono kwintsha namathuba uma kwakhiwa imigwaqo namabhriji.

Ngalokhu umnyango wenzela ukuthi bathole uqeqesho olufanele bakwazi nokuthola imisebenzi uma kuphela inkontileka. UKaunda uthe seluqalile ukusebenza uhlelo lokuvalwa kwezikhinsi emigwaqeni wathi umnyango usebenzisa kakhulu intsha, omama nabaphila nokukhubazeka. Uthe uMnyango uyabalekelela ukuthi bavule imifelandawonye ukuze bazibeleke imali nokuzivulela amabhizinisi.

Ube esenxusa osonkontileka ukuthi basebenzise imali ngokuthi bakhulise amabhizinisi abo bangayisebenzisi budlabha.



*UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal uMnu Mxolisi Kaunda ehambisana neMeya yoMkhandlu waseMpendle uKhansela uSizwe Ndlela, Inkosi yakwaNxamalala uSimphiwe Zuma, uNdunankulu Mjwara, izinduna kanye nomphakathi jikelele ngesikhathi evula ngokusemthethweni umgwaqo u-P129 eMpendle.*



*UMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, iMeya yoMkhandlu waseMpendle uKhansela uSizwe Ndlela, uNdunankulu Mjwara ngesikhathi behlola umgwaqo u-D1357 kanye nebhuloho iDlavudlavu.* ***Izithombe:** MBUYI NDLOVU*

# UNkk WEZIWE THUSI

UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL



# KUKHULEKELWE ABANTU ABADALA ABANESIFO SOKUKHOHLWA KUGUJWA USUKU LOMHLABA LWE ALZHEIMER'S

THULE NZAMA

UNGQONGQOSHE wezokuThuthukiswa koMphakathi kwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ulugubhe nomama bomkhuleko nabezepolitiki usuku lokukhumbula, kuxwayiswe futhi kufundiswe umphakathi ngesifo sokukhohlwa esikhungethe abantu abadala esaziwa nge Alzheimer's, emcimbini obuseThekwini, eMlazi Cinema kuWard 82, eMaweleni, muva nje.

UNgqongqoshe uThusi ukhuze umhlola wokuthi kubulawe abantu abadala abagulayo uma bezithola besendaweni okungafanele ukuba babe kuyona emiphakathini.

Kulomcimbi, uNgqongqoshe uThusi ubehambisana nenhlangano eyaziwa ngokuthi yi Alzheimer's South Africa, ebimelwe uMnumzane Thalente Mabaso.

UNgqongqoshe uThusi utuse umsebenzi owenziwa yi Alzheimer's South Africa wokuba kuqwashiswe umphakathi ngalesi sifo esivamise ukuhlasela abantu abadala asebedlulile eminyakeni engu-65 ubudala.

Echazela abantu kabanzi ngalesi sifo, uMnumzane Mabaso uthe: "Lesi sifo sihlasela ingqondo yomuntu omdala, akhohlwe, adideke emqondweni, kanti futhi asikhethi ukuthi uqhamuka kuyiphi inkolo, usiko, ibala kanye nesimo somnotho. Noma yimuphi umuntu angasithola.

"Lesi sifo satholakala ngocwaningo wlwenziwa uchwepheshe wezempilo mumbe wasezweni laseJalimane, owaziwa ngokuthi uAlzheimer, ngonyaka ka-1906.

"Ezinye zezimpawu zalesi sifo ukuthi umuntu omdala akhohlwe, adideke, angakhumbuli into esanda kwenzeka manje, kodwa akukhumbule okwenzeka kudala, azwele kakhulu, angakwazi futhi nokukhuluma kahle, futhi angabe esakwazi ukuzinakekela.

"Abantu abadala abakhungethwe yilesi sifo bavamise ukudidaniswa nabantu abahamba hambayo, bagcine sebebulawa uma bebonakala bedukile behamba emagcekeni abantu benqunu. "Siyacela ukuba abantu abadala abanalezi zimpawu bayiswe emtholampilo, futhi baphinde balethwe enhlanganweni yakhe i-Alzheimer's South Africa etholakala kulezi zinombolo zocingo - 0860 102 681 noma u (031) 702 4321/ 7028811," kusho uMnumzane Mabaso.

Uthe kusukela ngonyaka ka-2013, inani labantu abadala abangango-44, 4 million lahlaselwa yilesi sifo, washo nokuthi emhlabeni wonke jikelele kunomuntu omdala ohlaselwa yilesi sifo njalo uma kuphela imizuzwana emine, washo nokusho ukuthi abanye abanalesi sifo kuye kuthiwe banamadimoni, kanti umuntu omdala uyagula.

Lomcimbi ubuhanjelwe ubuholi bendawo kanye nobesiFundazwe, obekukhona kubo usihlalo we Portfolio Committee yezokuThuthukiswa koMphakathi kwisiShayamthetho saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Fatima Nahara.

UNkosikazi Nahara utuse kakhulu igalelo likaNgqongqoshe uThusi noMnyango wakhe ekulekeleleni imindeni ukuba ibhekane nenselelo yesifo esifana nalesi.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ngesikhathi kukhulekelwa abantu abadala abanesifo i-Alzheimer's eMlazi.*

# Abafundi basayinde umqulu wokuzibophezela

SBONISIWE SHEZI

Abafundi bamatikuletsheni bathembise ukuziphatha ngendlela efanele ngesikhathi sokuhlolelwa izivivinyo zokuphela konyaka.

Lokhu bakufunge ngesikhathi uNgqongqoshe wezeMfundo KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwana, ebambe umcimbi wokusayindwa komqulu wokuzibophezela kwabafundi njengoba besekusele izinsuku ezimbili ngaphambi kokuba hbahlalele iphepha lokuqala le Computer Application Technology.

Lomcimbi wesiFundazwe ububanjelwe eStanger High School ngaphansi kwesiFunda iLembe mhlazi -12 kwephezulu. iNhloko yoMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natali, u Dkt Enock Nzama ubonge ukubakhona kwazo zonke izihambeli ebezikhona kulo mcimbi, obekubalwa abaholi bazozonke izifunda ezakhele iKwaZulu-Natali, izinyunyana zothisha, izikhulu zoMnyango wezeMfundo, oThishanhloko, othisha kanye nabafundi.

Ube esethi ukusayindwa kwalomqulu wokuzibophezela kuzonqanda zonke izihibe ezingaba yimbangela yokungahambi kahle kokubhalwa kwezivivinyo zalo nyaka.

UDkt Nzama Uqhube wathi, "Lokhu kunguphawu lokuzibophezela ukuthi siyisiFundazwe saKwaZulu-Natali ngeke sivumele imimoya emibi engaphazamisa ukubhalwa kwezivivinyo.

Siyethembisa ukuthi sizozeseka izikole namabafundi bethu, ngoba asifuni ukuzwa kuthiwa kukhona umfundi ongayitholanga imiphumela yakhe ngoba esoleka ekukopeleni."

UNgqongqoshe uDlungwana ekhuluma kulomcimbi, uyale abafundi wathi kumele baziqhenye ngemiphumela abazobe beyitholile ngeqholo lokuthi abazange bathathe izindlela ezinqamulelayo.

Uqhube wathi, "sifuna ukuthi masinyusa izinga lemiphumela kulonyaka, silinyuse ngokukhulu ukuziqhenya ngokuthi izivivinyo zibeyiqiniso, akubanga nazenzo ezingekho emthethweni".

UNgqongqoshe ube eseqhuba ethi emagumbini okubhalela izivivinyo abafundi akumele batholakale nomakhalekhukhwini, ukushushumbiswa kwamapheshana abhaliwe okukopela, abonqaba usizo olungagunyaziwe oluvela kozakwabo kanye nothisha.

Wathi umabenza okungekho emthethweni ngesikhathi sokuhlolwa, imiphumela yabo iyobanjwa isikhathi eside kusenziwa uphenyo.
Abafundi babe sebefunda futhi basayinda usomqulu wokuzibophezela




*UNgqongqoshe wezeMfundo KwaZulu-Natali, UMnu. Mthandeni Dlungwana*

*"Lokhu kunguphawu lokuzibophezela ukuthi siyisiFundazwe saKwaZulu-Natali ngeke sivumele imimoya emibi engaphazamisa ukubhalwa kwezivivinyo.*

*Siyethembisa ukuthi sizozeseka izikole namabafundi bethu, ngoba asifuni ukuzwa kuthiwa kukhona umfundi ongayitholanga imiphumela yakhe ngoba esoleka ekukopeleni."*

# UDKT SIBONGISENI DHLOMO

UNGQONGQOSHE WEZEMPILO KWAZULU-NATAL



# WETHULWE NGESASASA ELIKHULU OWOKUQWASHISA NGOMDLAVUZA

WETHULWE ngelikhulu isasasa umkhankaso kazwelonke wokuqwashisa ngesifo somdlavuza emcimbini obuKwaCaluza eMgungundlovu.

Bebephume ngobuningi babo abantu bezozibonela ngo-si njengoba kade ezifikele mathupha uNgqongqoshe wezeMpilo kazwelonke uDkt Aaron Motsoaledi, obephelezelwa wuMphathiswa wezeMpilo esifundazweni uDkt Sibongiseni Dhlomo, ukuzokwethula lomkhankaso.

Ngalomkhankaso uHulumeni uhlose ukuqhakambisa ukubaluleka kokuhlolela umdlavuza kusenesikhathi njengoba sekuvelile ukuthi lesi sifo esibucayi uma sisheshe satholakala kuba lula, futhi kushibhe, ukuselapha.

Kuhambe ngokwamagama enkehli, kwazise uMongameli uCyril Ramaphosa wethembisa ukwethulwa kwalomkhankaso ngesikhathi ethula inkulumo yakhe yeSimo seSizwe ngasekuqaleni konyaka. Kulomcimbi bekukhona nosaziwayo owumsakazi uXolani Gwala oke waphathwa wumdlavuza wamathumba (colon cancer), oseyinxusa eliqwashisa ngobungozi balesi sifo.

Kuvele ukuthi zinhlanu izinhlobo zomdlavuza ezihlupha umphakathi: owesibeletho, owebele, ophatha amadoda kwesingezansi, owamathumbu kanye nowamaphaphu.

Ngesikhathi kwethulwa lomkhankaso beyigcwele phama inkundla yezemidlalo yakwaCaluza. Kuphele usuku sekuhlolwe abesifazane abangu 1122 kanye nabesilisa abangu 261.

Uma kubalwa nomcimbi obusesibhedlela sase-Grey's emasontweni amabili wokuhlolela umdlavuza, bawu-2231 abesifazane abahloliwe, kanti abesilisa bawu 458.

UDkt Dhlomo ubonge leli gxathu elithathwe wuHulumeni lokwethula lomkhankaso, wathi lizokwenza lukhulu ukulekelela imizamo evele isikhona esifundazweni yokulwa nomdlavuza.

Unxuse abantu ukuba bahlolele umdlavuza njengoba lokhu kuzokwandisa imihla yabo yokuphila. "Kumqoka kakhulu ukuthi sisheshe sihlole isifo somdlavuza ukuze kuthi uma kunenkinga sisheshe sithole usizo.

Nginxusa wonke umuntu ukuthi ahlolele isifo somdlavuza. Uyabona nje uma umuntu wesifazane egeza ezicwala, akawathinte amabele akhe ukubheka ukuthi asikho yini isigaxa esisebeleni. Uyabona nje uma uphakamisa izandla zakho elinye ibele linganyuki njengelinye isuke isikhona inkinga. Phuthuma emtholampilo."

Ubalule ukuthi bangu-20% kuphela abantu abaphethwe wumdlavuza abasuke bedinga usizo ngokohlelo lwe-oncology, ngoba laba abawu-80% basuke bezosizakala kalula ngohlelo lokushiswa komdlavuza; ukunikwa amaphilisi kanye nokuhlinzwa.

Uthe kuningi osekwenziwe ukuqinisa ukuhlengwa kwabantu abanomdlavuza oxakile, laba abadinga usizo olubandakanya ukusetsheziswa kwemishini, kanye nodokotela abawochwepheshe (oncology). Lapha kubalwa:

• Odokotela be-oncology bababili esibhedlela sase-Addington; kanti kukhona owesithathu osanda kugogoda ozobajoyina maduze. Yomibili imishini ye-oncology kulesi sibhedlela isiyasebenza
• Ukuqashwa kwabanye futhi odokotela be-oncology esibhedlela sase-Nkosi Albert Luthuli Central Hospital ngaphansi kwenkontileka nenkampani yaseNyuvezi i-Wits Health Consortium; kanye abaqhamuka kwa-JMH abahlenga abantu abadinga i-oncology eNyakatho nesifundazwe, ezibhedlela zase-Ngwelezane nase-Queen Nandi Memorial Hospital (ebiyaziwa nge-Lower Umfolozi).
• Bakhona futhi odokotela be-oncology kanye nemishini esibhedlela esikhulukazi i-Grey's Hospital.

"Inkinga eke yaba khona ibiseThekwini, hhayi esifundazweni sonke. Esibhedlela saseNkosi Albert besinenkinga yokushiywa wodokotela abawochwephese kwi-oncology. E-Addington khona besinenkinga yokufelwa yimishini.

Kodwa isimo sesingcono kakhulu njengoba imishini yomibili isisebenza, futhi khona maduze nje sizobe sesinodokotela we-oncology wesithathu.

"Nesikhathi sokulinda ngaphambi kokuthi umuntu athole usizo lwe-oncology sesinciphe kakhulu, njengoba sesingamasonto amathathu kuya kwamane.

Abantwana bona abalindi nakancane." UGwala, oyintatheli






owaduma ohlelweni lwe-TV i-Asikhulume oseyibambe emsakazweni i-702, uthi yena uwubufakazi obuphilayo bokuthi isifo somdlavuza siyingozi: "Bantu bakithi lokhu ngifisa sikuthathi kalula isifo somdlavuza sikhona futhi siyingozi uma ungeke usheshe uthole usizo. Mina ngayiswa wenkosikazi wami esibhedlela ebona ukuthi kubi. Bengiphethwe wumdlavuza wamathumbi (colorectal) ogcine usudlulela nasesibindini. Bese ngisesigabeni sesine, esingozi kakhulu, nokuchaza ukuthi bese kukubi impela.

Ngihlinzwe kane ngenxa yokuthi bengingakaze ngiyohlolela isifo somdlavuza. Nina ninenhlanhla enkulu yokuthi uHulumeni anilethele eduzane izinsiza.

Ngakho lelithuba lisebenziseni. Ukube nami ngangihlola angabe angidlulanga ebuhlungwini obungaka." Enkulumweni yakhe uNgqongqoshe uDkt Aaron Motsoaledi uveze ukuthi uHulumeni uzimisele ngokufaka wonke amandla akhona ukusabalalisa ulwazi ngomdlavuza luze lufike ezingeni elifana nolwe-HIV kanye ne-AIDS.

Uthe iKwaZulu-Natali ne-Gauteng yizona zifundazwe ezihlenga abantu abanomdlavuza abaningi kunezinye. Uthe uHulumeni usekwazile ukuncenga ngempumelelo inkampani eyakha umjovo wokulwa nomdlavuza webele obizwa nge-Herceptin obukade ubiza R24 000, osuwehliswe waba wu-R6000.

Uma usudlange kakhulu umdlavuza isiguli sisike sesidinga lemijovo ibe wu-17.

Uthe umdlavuza ubhuqabhuqa abantu, kanti kulonyaka uwodwa nje, bangu-18.1 million abantu abaphethwe yiwo emhlabeni jikelele, futhi bangu 9.6 million abazobulawa yiwo.

Uthe umdlavuza ubalwa nezifo ezihamba phambili ekubulaleni abantu ngaphambi kokuba bahlanganise iminyaka ewu-70.

Uveze nokuthi phezu kwemizamo esiyenziwe yokuthuthukisa izinga okuhlinzeka umphakathi ngezinsiza-kusebenza zokulwa nomdlavuza, uHulumeni uzophinde afake igxalaba ethenge eminye imishini yokwelapha umdlavuza.

Uphinde wanxusa umphakathi ukuba uhlukane nemikhuba engalungile nebeka impilo engcupheni, njengokubhema ugwayi, uphuzo oludakayo, iziyobisi, kanye nokudla inyama kuze kweqe.

Uthe kubalulekile ukuba abantu bazivocavoce, badle nokudla okunezaqathi ukuze bangangenwa kalula yizifo.



Nelson Mandela Centenary 2018 Be the legacy

ALBERTINA SISULU Centenary 2018

2030 NDP

S

UMnyango wezokuBusa ngokuBambisa neziNdaba zoMdabu oholwa nguNgqongqoshe uNomusa Dube-Ncube ujube ithimba lawo lonjiniyela ukuthi lisize uMasipala waseMdoni uphothule ukwakhiwa kwe-Waste Pumpstation ePennington.

Lokhu kwenzeke ngesikhathi uNgqongqoshe uDube-Ncube kanye nethimba lakhe behambele indawo yase - Scottburg, ngaphansi kohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe (OSS).

Ngaphambi kokuthi uNgqongqoshe kanye nethimba lakhe bahlangane namalunga omphakathi akuwadi 10 no 15 mayelana nezinto ezithinta ukulethwa kwentuthuko kuyona lendawo yase-Scottburgh, ngaphansi komasipala waseMdoni, ithimba likaqale ngokuyohlola isimo lapho kwakhiwa khona ingqalasizinda yokuthuthwa kwendle.

Ngesikhathi befika lapho kwakhiwa khona i-Waste Pumpstation bathole ukuthi kunenzinkinga eziholela ekutheni uhlelo lungaphothulwa, nokuyilapho uNgqongqoshe ajutshe khona izikhulu eMnyangweni ukuthi zithumele ithimba lonjiniyela abazosiza ukuthi kuphothulwe uhlelo ngokushesha.

"Singumnyango sesingenelele njengoba sesithumele amathimba ethu onjiniyela ukuthi asebenzisane nomasipala ukuze loluhlelo luphothulwe ngesikhulu isivinini, siphinde savakashela ibhuloho lalabo abahamba ngezinyawo ekulindelwe ukuthi libize imali engu-R12 million". "Lelibhuloho

# UNkk NOMUSA DUBE-NCUBE

UNGQONGQOSHE WEZOKUBUSA NGOKUBAMBISANA NEZINDABA ZOBUHOLI BENDABUKO KWAZULU-NATAL



# UMNYANGO UTHUMELE ONJINIYELA ABAZOSIZA KUMASIPALA WASEMDONI



*UNgqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu, uMama uNomusa Dube-Ncube uvakashele umasipala waseMdoni ngaphansi kohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe.*







# ABALIMI BAKWAMHLABUYALINGANA BAHLOMULE NGEMAKETHE KA BHATATA

**SPHUMELELE MKHIZE**

Abalimi basendaweni yaseMboza kwa-Mhlabuyalingana babe nomhlangano nabeluleki kanye nochwepheshe bezolimi ukuzocobelelana ngolwazi lokutshala ubhatata.

Lo mhlangano ubuseMboza One Stop Hall ngenyanga edlule.

Abalimi bakabhatata bathole ulwazi olunzulu lokulima ubhatata nokuyisitshalo esivumayo kule ndawo yakwaMhlabuyalingana. Inhloso yokubafundisa ngalemboni kabhatata ukuba bakwazi ukuqophisana nabalimi abamnkatshubomvu bakabhatata.

UNksz S.T. Mathenjwa, onguMphathi weHhovisi lezolimo kule ndawo, unxuse abalimi ukuba bakwazi ukuzimela futhi bakubheke ukukhiqizwa kobhatata njengengxenye yemikhiqizo ezobafakela imali.

Ube esenxusa abalimi ukuba baqaphele ukuthi balima ngendlela okuyiyo ubhatata nokuzokwenza kube lula ukuthi udayiswe ezimakethe.

UMnuz uDlamini osebenza eMnyangweni wezoLimo eCedara kwa-VAT ukhulume ngobhatata watshela abalimi bakwaMhlabuyalingana ukuthi umnotho bawuphethe ngezandla kuleya ndawo ngoba umhlaba wabo uyavuma ukuthi bakhiqize lesi sitshalo. Umhlabathi wabo uvumelana naso kakhulu kulesi sikhathi sonyaka, ubakhuthaze ngokuthi basebenzisane nomaluleki wabo osehhovisi eliseduze nabo ukuze bakhiqize imikhiqizo emihle ngaso sonke isikhathi.

Ube esebafundisa ngezifo ezihlasela ubhatata kodwa wathi bangethuki ngoba ziyelapheka inqobo nje uma bexhumana nomeluleki wabo babonisane ngemithi okumele isetshenziswe ukubulala isihlava leso esisuke sihlasele ngaleso sikhathi.

Unxuse bonke abalimi ukuthi basebenzisane ukuze bezothuthuka bonke njengomphakathi

UNksz Hloniphile Mthembu ube esekhuluma kabanzi ngamakinati wakhombisa abalimi izinhlobo ngezinhlobo zokudla okungenziwa ngamakinati, wabe esechaza kabanzi ukuthi amakinati ayisidingo esikhulu emphakathini njengoba nesimo somnotho singesihle kahle.

Uthe kubalulekile ukuba bonke abalimi bazi ukuthi amakinati asetshenziswa ezindaweni eziningi ezinye zazo ukuwasebenzisa njengamafutha ekulungiseleleni izidlo, ukuwasebenzisa ukunandisa izidlo njengezinkwa nokunye okuningi.

Ubakhuthazile ukuthi baqhubeke ngokulima ukuzithuthukisa bona kanye nomphakathi wabo.

UNksz A. Msibi, osebenza emtholampilo waseMboza, ucobelele abebethamele umcimbi ukuthi kunomsoco otholakala kubhatata namakinati, wakhuthaza abalimi nomphakathi jikelele ukuthi basebenzise ubhatata namakinati kakhulu ukuze bathole yonke imisoco ukuze isimo sabo semizimba sihlale sisesimweni esihlelekile ukuze bekwazi ukuhlala bephilile babe nempilo ende.

## UNkk BELINDA SCOTT

UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI KWAZULU-NATAL



# INJABULO NENHLOKOMO INHLOKO YOMNYANGO KAMGCINIMAFA INIKELA NGAMAKHOMPYUTHA KWAMASHU



Iminyaka eminingi isikole sakwaMashu iNqabakazulu High School besiphoqeleka ukuthi sithembele ezikoleni ezingomakhelwane ukusebenzisa igumbi lezobuchwepheshe ngoba elabo lingasasebenzi.

Okukade kubhebhezela lesimo ukuthi lokhu bekwenzeka ngesikhathi sesivivinyo ezibalulekile lapho kumele abafundi babhale khona iphepha lezobuchwepheshe okuyinto edinga ukuthi basebenzise amakhompyutha.

Kodwa emuva kokungenelela koMnyango kaMgcinimafa uholwa iNhloko yomnyango uMnu Simiso Magagula lesikole semukele amakhompyutha angu-25 okuchaza ukuthi seziphelile izinsuku zokugqigqa eSivananda Technical High School ukuyobhala izifundo zobuchwepheshe.

Ibamba likathishanhloko waseNqabakazulu uXolisile Mjiyako uhlulekile ukubamba imizwa yomunyu nezinyembezi ngenkathi isikole sakhe semukela lamakhompyutha azosetshenziswa amaBanga ka 10, 11, kanyo no12 kulesikole.

UMnu Magagula oyiNhlokoyomnyango ephinde yengamele izindaba zeTheku phansi koHlelo lukaOperation Sukuma Sakhe wayethembise lamakhompyutha ngenyanga kaMasingana ngenkathi isiShayamthetho saKwaZulu-Natal sihambele kulendawo ngenhloso yokubheka ukuthi izikole zivule kahle futhi ziyasebenza ngendlela.

Kodwa konke lokhu kwenzeke ngenxa yokunxenxa okungaphezi kukaNkk Mjiyako obeyiphela endlebeni efuna lamakhompyutha. Wabe ecele nje ayishumi kodwa wathola inqwaba.

"Ngethukile ngibona amakhompyutha amaningi kangaka, zavele zagobhoza njengomfula izinyembezi kimi. Bekuyizinyembezi zenjabulo ngoba bengilindele ayishumi nje kuphela amakhompyutha. Besisebenzi amadala futhi asenezinto ezingasebenzi aphinde angavuleki sekumele kubhalwe izivivinyo," kusho uNkk Mjiyako.

"Ngezinye izikhathi besiphoqeleka ukuthi sithuthe abafundi sibase eSivananda ngesikhathi sezivivinyo.

Kodwa bheka manje lesikole sesibekwe kuphi uMnyango kaMgcinimafa.

Ngeswele amagama. Lokhu enikwenzile kuyangithobisa, futhi kuhle kakhulu," kusho uNkk Mjiyako.

Nomfundi weBanga 12 uNksz Gugulethu Makharingwe ubejabule efile wabonga uMnyango kaMgcinimafa ngokuthi ubeke eqhulwini intuthuko yabafundi.

"Sibonga kakhulu futhi siyethemba lokhu kuzosiza nangomuso nalabo abeza emuva kwethu," kusho uNksz Makharingwe.

Ephelezelwa izikhulu zoMnyango wezeMfundo, eZokubusa ngokubambisana nezendabuko, uMasipala weTheku namalungu esigungu sokuphathwa kwesikole, uMnu Magagula ucelile ukuthi isikole siwabheke lamakhompyutha esho nokusho ukuthi kwezinye izindawo lapho benikele khona phambilini aseke antshontshwa amasela.

"Ngiyajabula ukuthi leligumbi lobuchwepheshe lifakwe ezokuphepha," kusho uMnu Magagula.

Uthe ucela abafundi bazitike ngolwazi olutholakala kulemishini wathembisa futhi ukuthi uma ibanika izinkinga uzothumela ochwepheshe ehhovisi lakhe bazobalungisela wona.

Kwenzeka lokhu nje uMnu Magagula useke wahambela eDududu phansi kukaMasipala waseMdomi esikoleni iQiko lapho wafike wabagixabeza angamanye amakhompyutha alishumi.

> *"Ngethukile ngibona amakhompyutha amaningi kangaka, zavele zagobhoza njengomfula izinyembezi kimi. Bekuyizinyembezi zenjabulo ngoba bengilindele ayishumi nje kuphela amakhompyutha."*

NGISEBENZA NGOBUQOTHO
NOMA NGINGALUSIWE
INOMBOLO YOKUXHUMANA - 0800 596 596

/KZNGOV
UMNU. THEMBINKOSI WILLIES MCHUNU
UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATALI
KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT
OPERATION Sukuma Sakhe
"SIHAMBA PHAMBILI NGOBUCHULE EKUKHULISENI UMNOTHO SIZIBEKELE AMAGABELO EKULETHENI IZIDINGO NGQANGI UKUZE SIFUKULE IZIMPILO ZABANTU ZIBENGCONO,"

STHEMBISO SHANGASE

# UNkk BONGI SITHOLE-MOLOI

UNGQONGQOSHE WEZAMACIKO, AMASIKO, IMIDLALO NOKUNGCEBELEKA KWAZULU-NATAL



# UNGQONGQSHE SITHOLE-MOLOI UTUSA AMATHUBA AVULWA YI-MLALAZI EXPO

Amaciko ahlabe umxhwele izikhulu zikahulumneni nezoMnyango Wezobuciko eshaya into ecokeme ekhangisa eMlalazi Arts Heritage and Business Expo yaminyaka yonke ezinkundleni zemidlalo eShowe enyakatho yesifundazwe.

Phakathi kwamaciko abekhangisile nadonse amehlo abantu abaningi kubala noNkk Gugu Bhengu we Gugu Mobile Boutique okhanda izicathulo ngisho amaqhoks ngobuhlalu.

UNkk Bhengu uthi usehambe amazwe ngamazwe ngobuciko bezandla bubodwa.

UMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natali ifake isandla esiqavile ukuze lombukiso ube yimpumelelo nokunikeze amathuba okukhangisa emacikweni anhlobo-nhlobo.

UNgqongqoshe Wezobuciko Amasiko Ezemidlalo Nokungcebeleka uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uthumele umyalezo wakhe wokweseka lombukiso nalapho egqugquzele khona amaciko ukuthi funde njalo angami ndawonye ngobuciko bawo.

Amanye amaciko abekhona kubala athunga imvunulo njengemibhlaselo, adwebayo kanye nakha izicathulo ezinhle ngokusebenzisa ocwazi.

Izikhulu zikahulumeni emazingeni esifundazwe nakumasipala waseMlalazi zithengile eminye yemisebenzi yezandla zamaciko.

Omunye wabahleli balombukiso uMnuz Molo Simelane uthe kuyathokozisa ukubona uMnyango Wezobuciko Namasiko ufaka isandla ukuze amaciko abonakale.




Ngaphandle kwamaciko omsebenzi wezandla bekukhona nabaculi abadumile oKhuzani, Qhoshangokwenzakwakhe noDJ Soks.

Kuchwaze izihlwele ngesikhathi uKhuzani noQhosha bedlala kanyekanye.

Yikho lokhu okuhlala kugququzelwa uNgqongqoshe uSithole-Moloi ukuthi amaciko kamasikandi abambisane ngisho naphambi kwabalandeli ngoba lokho kwakha umoya wozwano.

"Kufanele amaciko aqinise ezingomeni ezichukuluzani futhi akhombise emphakathini ukuthi noma ngabe bayagconana kodwa kubonakale ukuthi kuyangcwekwa hhayi ukuthi sekuyimpi ngoba lokho kuyobe sekuphikisana nemigomo yomnyango nekahulumeni othi makube nokuchuma nokubambisana ngezobuciko, amasiko nemvelaphi yethu", kusho uNgqongqoshe uSithole-Moloi emyalezweni wkahe awuphathisile.

Iningi labantu abahambele lombukiso bekungabantu abasha baseShowe namaphethelo kanti bakujabulele ukubona osaziwayo ababala ngisho amaciko adlala kuTV njengo Khaya Dladla odume ngelika GC naye ogququzele abantu abasha ukuthi baphokophele phambili.

*"Kufanele amaciko aqinise ezingomeni ezichukuluzani futhi akhombise emphakathini ukuthi noma ngabe bayagconana kodwa kubonakale ukuthi kuyangcwekwa hhayi ukuthi sekuyimpi ngoba lokho kuyobe sekuphikisana nemigomo yomnyango nekahulumeni."*

# PORT SHEPSTONE MUSEUM OPENING

STHEMBISO SHANGASE

UNgqongqoshe Wezobuciko Amasiko Ezemidlalo Nokungcebeleka KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi usephonsele inselelo umphakathi wase Port Shepstone namaphethelo ukuthi usiphathise okwezikhali zamantungwa isigcina magugu esidle izigidi ezingamashumi amabili nemfalakahlana.

Lokhu ukuveze ngesikhathi evula maqede wasinikezela ngokusemthethweni lesisigcinamagugu equkethe umlando wendawo esogwini oluseningizimu ngisho nokusebenza ngezasolwandle.

Kukulendawo lapho eminyakeni engaphezu kwekhulu lapho uSir Theophilus Shepstone owayedume ngelika Somtsewu afikela khona ngomkhumbi maqede yaqanjwa ngaye kwathi yiPort Shepstone.

Phakathi kulesisigcinamagugu kukhona umlando wokufika kwabelungu, impilo yabantu baseGamalakhe ngokunjalo nokuthuthuka kwalelidolobha kusukela endulo.

Okunye okukhulunywa ngakho kulesisigcinamagugu kufaka nenkolo kubala neyabantu abansundu, ubungoma, yizayoni nobunazaretha obaziwa kakhulu ngokuthi yinkolo yakwaShembe.

Nomlando ngempilo yaBathwa nezikhali zabo zokuzingela ukhona kulesigcinamagugu.

UNgqongqoshe eSithole-Moloi uthe isizathu sokuthi kube nombukiso okhuluma ngempilo kaMama uAlbertina Sisulu noTata uNelson Mandela yingoba kulonyaka vele kubungazwa amagalelo enziwa yilamaqhawe namaqhawekazi.

UNgqongoshe ubuye wagququzela umphakathi ukuthi usebenzise izandla ukuze uziphilise, waphinda wanxenxa umphakathi ukuthi uthenge imisebenzi yezandla eyenziwa amaciko endawo.

"Mazidle ekhaya mphakathi wasoGwini futhi masingalokhu sikhala njalo sifuna izaphulelo uma sithenga kubantu bakithi ngoba uma sithenga kwabezizwe asiceli saphulelo sithenga ngaleyomali enqunyiwe", kusho uNgqongqoshe uSithole-Moloi.

Uphethe ngokuthembisa ukuthi uzobuya kungekudala kuyo lendawo esevula umtapo wolwazi omusha ceke nawo esezihuba sakusha ukuthi uphothulwe ukwakhiwa.

Amaciko endawo ahlanganisa awomsebenzi wezandla kanye naculayo athjole ithuba lokukhangisa nokunandisa kulomcimbi wokwethulwa kwesigcinamagugu.

Phakathi kwalawomaciko kubala amaqembu engoma Amaphikankani, Imfene kanye neqembu le jazz. Amaciko omsebenzi wezandla nawo abekhangise ngomsebenzi osenzingeni elicokeme kulomcimbi kanti nongqongqoshe uSithole-Moloi ukhombise ukuhlabeka umxhwele.

Ubuye wadlulela nasesikhungweni sezobuciko iMargate Art Center eningizimu yePort Shepstone nalapho ekhangwe wumsebenzi wezandla oqoqwe emacikweni ehluka-hlukene.

arts & culture
Department: Arts & Culture
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

## IKOMIDI LOKUQANJWA NOKULUNGISWA KWAMAGAMA EZINDAWO LESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL (KZNPGNC)

## ISIMEMO SOKUQOKWA KWAMALUNGU

Ikomidi Lokuqanjwa Nokulungiswa Kwamagama Ezindawo Lesifundazwe SaKwaZulu-Natal liluhlaka olwasungulwa ngokoMthetho Womkhandlu Wamagama Ezindawo waseNingizimu Afrika, we- 1998 (uMthetho No. 118 we- 1998).

Kumenywa amalungu ezinhlangano ezibhekele izilimi, izindawo kanye namasiko ukuba aqoke abantu abazoba ngamalungu ehlandla elisha leKomidi Lokuqanjwa Nokulungiswa Kwamagama Ezindawo Lesifundazwe SaKwaZulu-Natal. Kucelwa ukuba abantu abazoqokwa kube ngabahlala kulabo Masipala Bezifunda abalandelayo:

| | |
|---|---|
| UMasipala Wesifunda aMajuba | UMasipala Wesifunda uMgungundlovu |
| UMasipala Omkhulu WaseThekwini | UMasipala Wesifunda uMkhanyakude |
| UMasipala Wesifunda iHarry Gwala | UMasipala Wesifunda uMzinyathi |
| UMasipala Wesifunda iLembe | UMasipala Wesifunda uThukela |
| UMasipala Wesifunda iKing Cetshwayo | UMasipala Wesifunda iZululand |
| UMasipala Wesifunda uGu | |

Ikomidi kumele libe namalungu angeqile kwayi-15, amane (4) kuwo kumele kube ngamele lezi zinhlaka okusetshenziswana nazo: Indlu Yobuholi Bomdabu Yesifundazwe; uMnyango Wezokuthutha, uMnyango Owengamele Omasipala kanye Nezindaba Zomdabu, kanjalo neHhovisi Lezamaposi LaseNingizimu Afrika.

Umsebenzi weKomidi Lokuqanjwa Nokulungiswa Kwamagama Ezindawo (i-KZNPGNC) ngukweluleka izinhlaka okusetshenziswana nazo ezifanele okuyilezi: umphakathi, iziphathimandla zendawo, abaholi bomdabu, njalonjalo; bese kusetshenziswana nazo lapho kulungiswa amagama ezindawo esifundazweni.

Amalungu e-KZNPGNC awaholi kepha abuyiselwa imali yezindleko zawo zokuhambela imihlangano yekomidi. Amalungu aqashwe nguHulumeni wona awavunyelwe ukufaka izicelo zokubuyiselwa izindleko zokukwethamela imihlangano.

Lowo ofisa ukuqoka umuntu othile ukuba abe yilungu le-KZNPGNC uyacelwa ukuba alethe:
- Ifomu lokuqoka amalungu elitholakala eHhovisi loMnyango Wezobuciko Namasiko KwaZulu-Natal eliku-116 Jabu Ndlovu Street noma ngokungena ku- www.kzndac.gov.za;
- Incwadi enamagama aphelele alowo oqokwayo, ikheli, inombolo yocingo neyefeksi yakhe futhi ecacisa nesizathu sokuqokwa kwakhe;
- Isitatimende esifushane esisayinwe yilowo oqokiwe; lapho evuma khona ukuqokwa kwakhe;
- Amagama nemininingwane yokuxhumana yofakazi abathathu abangathintwa ukuze kubuzwe maqondana nelungu eliqokwayo.

Wonke amafomu noma izincwadi zokuqoka amalungu kumele zithunyelelwe iNhloko yoMnyango Wezobuciko Namasiko kuleli kheli: c/o KZNPGNC Language Services, Private Bag X 9140, Pietermaritzburg, 3200, ziqondiswe kuNksz. T.L. Cebekhulu. **Usuku lokugcina lokulethwa kwamafomu noma izincwadi zokuqoka: 30 kuLwezi wezi- 2018.** Uma unemibuzo ungathinta uNkk. B.P. Chirwa-Mzoneli Ucingo: 033 8979000/05

# UMASIPALA WASEMANDENI UNIKA IZAKHAMIZI USHWELE UKUZE ZIKWAZI UKUKHOKHELA IZINSIZA

SENZO MZILA

Izakhamuzi zikhuthazwe ukuthi zikhokhele izinsiza

Ukuhanjiswa eMandeni komkhankaso ogqugquzela ukukhokhelwa kwezinsiza zomasipala, phecelezi i-"Revenue Enhancement Campaign" sekulethe umehluko omkhulu emizamweni yomasipala ukuthi unyuse izinga lokukhokhelwa kwezinsiza ngamalunga omphakathi.

Lokhu kwenjeka nje, njengoba iMeya uKhasela B.E. Zulu imemezele ukuthi labo abakweleta umasipala bazoshelezelwa ngamaphesenti angamashumi amane (40%), ezikweletini zabo uma bezikhokhela.

Ngemuva kwesimemezelo sikashwele Imeya uZulu yaveza ukuthi inethemba elikhulu ukuthi ukukhipha ushwele kuzoholela ekutheni bonke labo abakweletayo bakhokhe ngokushesha njengoba kuvela ithuba elingandile.

"Ukulethwa komkhankaso we - Revenue Enhancement nguMnyango obhekelele oHulumeni baseKhaya kwasikhombisa ukuthi uHulumeni wesiFundazwe awusiyekelele ukuthi siziqhwandele kepha uyasiza lapho kufanele khona njengoba kubekiwe kuMthethosisekelo.

Lo mkhankaso oholwaNgqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana neziNdaba, uNkz Nomusa Dube-Ncube, kuhloswe ngawo ukuthi kukhuphulwe izinga lokukhokhelwa kwezinsiza zomasipala ukuze omasipala bakwazi ukuba nemali eyanele yokuhambisa izinsiza emiphakathi.



*UNgqongqoshe woMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu uNomusa Dube-Ncube unxusa izakhamuzi kanye nosomabhizinisi ukuba bakhokhele izinsiza eziqhamuka kumasipala.*

Imibiko ehlukahlukene esingabala kuyo naleyo yehhovisi lika - Statistician General, ibiveza ngokusobala ukuthi omasipala abaningi esiFundazweni badonsa kanzima ngenxa yokungakhokhelwa kwezinsiza nokwenza ukuthi bagcine bengakwazi ukuhambisa izidingongqangi emphakathini ngendlela efanele.

Ngesikhathi uNgqongqoshe woMnyango uNkk Nomusa Dube-Ncube ethula loluhlelo waveza ukuthi omasipala baKwaZulu-Natali bakweletwa izigidigidi zamarandi.

Wabe eseveza ngokunjalo ukuthi, omasipala bakweletwa izimboni, amabhizinisi, iminyango kahulumeni kanye nemiphakathi.

Uthe uMnyango uma uthola ukuthi umasipala waseMandeni ukweletwa imali engu - R180 million, wabe usunikela kuwo lomasipala ukuze ugqugquzele ukukhokhelwa kwezinsa. Umphakathi waseMandeni waba nezinkomba zokuwuxhasa lo mkhankaso ngenkathi kuhlangenwe nawo ehholo lomphakathi eSibusisiwe khona eSundumbili.

# ISIFUNDAZWE SIKHULEKELE UKUHLOLWA OKUPHEPHILE KWA-2018

PHILAKAHLE NGUBANE

UMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natali, uholwa nguMphathiswa uMthandeni Dlungwana, ubambe umkhuleko wesiFundazwe sonkana mhla ziyi-19 ku October. Ngalomkhuleko bekuhloswe ukukhulekela izivivinyo zikamatikuletsheni zonyaka ka2018 ukuba zingabi nazihibe.

Umkhuleko ubuhanjelwe abagcotshwa bamabandla ahlukahlukene, okubalwa kubo uPastor Ndlovu wase Apostolic Faith Mission, Reverend Bhengu we Uniting Presbyterian, Reverend Zuma we KZN Women Leadership Forum, Bishop Ngcobo, KZN Women Leadership Forum, Pasto Msomi we Holliness Union Church kanye no Reverend Zuma we Mungundlovu Interfaith.

Umphathi wohlelo, uDkt EV Nzama, oyiNhloko yoMnyango wezeMfundo esifundazweni, wamukele izihambeli eziqavile zalo mcimbi obekungU Mphathiswa u Dlungwana, IMeya yaseMsunduzi, UCllr Themba Njilo, Ibamba likaMqondisi eMgungundlovu District, uMnu Zamokuhle Chonco, Abahloli, oSihlalo bama-SGB bazo zonke izikole ebezikhona, izinyunyana zothisha, ubuholi bomdabu kanye nomphakathi. Zine izikole ebezihambele lo mcimbi okubalwa kuzo iMzamweni High School, IMvunulo High School, Mtholangqondo High School kanye ne Qoqisizwe High School.

Abafundi bamatikuletsheni bakulezi zikole ezakhelene babuthene kuleli hholo ngenhloso yokuzothola ukudla komphefumulo bathamele nenkulumo yoMphathiswa.

IMeya uThemba Njilo enkulumweni yakhe wamukele izihambeli endaweni yaseTaylors eseVulindlela Sekethi ngaphansi koMgungundlovu District.

IMeya ituse ukubambisana okuhle abanakho noMnyango wezeMfundo benguMkhandlu waseMsunduzi, ngokuba njalo uma kunemicimbi noma izinhlelo eziza emphakathini bayaziswa futhi bayamenywa. IMeya ibe isinxenxa abafundi ukuba basondele koMdala wezinsuku njengalokhu sekuyisikhathi sokuhlolwa kokuphela konyaka bacele ukuvikelela babe nezivivinyo eziphephile. "Bafundi thina singabazali benu sifisa niphumele ngokwedlulele, nithathe imikhakha yezemfundo engavamile ukuze nizakhele amathuba emisebenzi ningalindi ukuqashwa," kubeka uMnuz Njilo.

Okhulumela inyunyana yeSADTU uMnu Bheki Mnameli onguSihlalo weSADTU eVulindlela sekhethi uzwakalise ukuncoma umbono kaNgqongqoshe ngokuhlela lo mcimbi womkhuleko.

Uhalalilsele othisha ngokusebenza ngokizikhandla kusukela kuqala unyaka kuze kufinyelela ekulungiseleni izivivinyo zokuphela konyaka yize abanye bebesebenza ngaphansi kwezimo ezinzima. UMnu Mnameli ophinde abe nguSihlalo weSGB esikoleni eMzwamweni uzwakalise ukubonga kuhulumeni ngokuhlelela izingane zabo umkhuleko uzozisondeza kuNkulunkulu.

Inkulumo yosuku ebithulwa nguNgqongqoshe yandulelwe ukudla kwendlebe okwethulwe ngabafundi baseMzwamweni abebecula isicathamiya.

UNgqongqoshe eqala nje inkulumo yakhe akapholisanga maseko wamema laba bafundi ukuba banandise emcimbini wokwethulwa kwemiphumela kaMatikuletsheni ozoba se Thekwini uma kuqala unyaka ozayo.

Uncome kakhulu ikhono labafundi wahalalisela isikole sabo ngokubaqeqesha ikakhulukazi uThishanhloko u Mnu Ngubane.

OkaDlungwana ubonge ukuphuma ngobuningi kwabaholi bamabandla wabe esethi umsebenzi wokufunda nokufundisa sewenziwe osekusele ukumema UNkulunkulu ukuba avikele futhi aphephise abafundi kanye nothisha kulesi sikhathi sokuhlolwa kwabo.

UNgqongqoshe uqgugquzele abafundi ukuba bangazinyezi ngezindawo abaqhamuka kuzo kepha basebenze kanzima ukuze babeke izi ndawo abadabuka kuzo kwibalazwe lomhlaba. Ube esenza umzekelo ngaye uqobo nokuthi udabuka kuyo lendawo yaseMgungundlovu District futhi uke wafunda EMvunulo High School phambilini ngakho ke uma yena akwazi ukuphumelela esuka ezindaweni zasemakhaya nabo abafundi banawo amathuba okuphumelela.

"Phumani ngobuningi benu niyosebenza kanzima ukuze siziqhenye ngani," kubeka uDlungwana obuye wancome uMgungundlovu District ngokuba nemiphumela emihle nyakenye. Esephetha uthe, "sengathi ningabhala kahle bantwana bami nginifisela ukuhlolwa okuphephile"


Kube sekungena uhlelo lomkhuleko lapho bonke abaholi bezenkolo bebeshiyelana inkudla bekhulekela izivivinyo kanye nokumaka okungenazihibe kulo nyaka ka-2018.

Abaholi bamabandla bebenxusa kuMdali ukuba kugwemeke izigameko ezike zabonakala phambilini lapho kuqubuka izimpi zezigodi, ubugebengu obuhleliwe kanye nezinye izigameko ezigcina ziphazamisa ukuhlolwa kwabafundi.

BRENDA MQWAMBI

UMnu THEMBA MTHEMBU

UNGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATAL



# IKOMIDI LEZOLIMO ESISHAYAMTHETHO LILALELE IZIKHALO NEZIDINGO ZABALIMI

UMNYANGO wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali uhlangene neKomidi lezoLimo eSishayamthetho sesiFundazwe bahambele ngaphansi kwesiFunda Ugu lapho bebeyolalela izikhalo kanye nezidingo zabalimi abasafufusa bakuleya ndawo.

Inhloso yeKomidi ngokuhlangana nabalimi, bazobheka ukuba abalimi bakule ndawo bayazithola yini izidingongqangi eziphuma eMnyangweni njengalokhu lokhu kuwumsebenzi wawo.

Okunye obekubhekwa yileli komidi ukuthi usizo abalimi balithola ngendlela efanelekile yini futhi nemigomo kahulumeni yokuhambisa izidingongqangi emiphakathini, ikakhulukazi eyasemakhaya, ifika ngendlela okuyiyo yini.

Okugqamile leli Komidi ebelizikhathaza ngakho ukucubungula ukuthi uMnyango uhambisa ngakho yini uma kusetshenziswa izimali.

Ikomidi likuqinisekisile ukuthi njenge komidi leZolimo kwisi Shayamthemtho, kuzomele umnyango uqinisekise ukuthi abalimi kumele banikezwe ulwazi olugcwele futhi aboMnyango wezoLimo bawenza ngendlela okuyiyo umsebenzi wabo ababekelwe ukuba bawenze.

Kanti futhi abalimi bagcina belutholile usizo ngendlela ekumela ngabe balutholile ngalo.

Leli Komidi lifuna abalimi bakule ndawo baziswe ngamahhovisi ezolimo ukuthi akuphi nendawo futhi bazi ukuthi uMnyango yiziphi izidingo ongasiza ngazo abalimi basendaweni.

Okunye okubhekisiswe kabanzi yiKomidi yindaba yokukhishwa kwemisebenzi yoMnyango yamathenda. Obekufanele uMnyango uchaze ngakhukukhipha imisebenzi




*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMhlonishwa uThemba Mthembu, uthembisa ukuthi izimali zoMnyango zizosetshenziswa ngendlela uma sekuhanjiswa izidingo zabantu emphakathini*

ebhekene nabalimi nanokuthi uMnyango uyakwazi yini ukuhlangabezana nezidingo zabalimi ngsikhathi esikahle ukuze bakwazi ukulima ngesikhathi esifanele ngaleyo ndlela umkhiqizo ube muhle. Ukukhokhelwa ngesikhathi kwezinkampane ezihlinzeka imisebenzi yokuthuthukisa ezolimo uMhlonishwa uThemba Mthembu onguNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo aseMakhaya esiFundazweni uhlale egcizelela ukuthi kumele kungabi khona ubuhixihixi obungenasidingo uma kumele abantu banikwe okungokwabo.

Izinhloso zeKomidi ikakhulukazi endleleni uMnyango olawula ngayo ezezimali uMthembu uthe bayaligculisa ikomidi ngoba vele balwa nakho ngqo bewuMnyango ukumoshwa kwemali nenkohlakalo.

Uphethe ngokuthi njengoba uMnyango usemkhankasweni wokulima ngaso sonke isikhathi izinsiza kulima zabalimi zizohlinzekwa ngesikhathi ngoba izingqinamba ezithuntubeza ukuya kwentuthuko kubantu ngendlela sezilungisiwe nabantu abebeyimbangela yalokhu ngamabomu bathathelwe izinyathelo ezingqala.

Leli Komidi linxuse abasebenzi boMnyango ukuba bakuqinisekise ukuthi abalimi baqala ama-projekthi azozinza, angapheli phakathi nendawo, nokuthi bagcina sebekwazi ukuzimela ngaphandle koxhaso lukahulumeni. Kuphinde kwagqugquzelwa abalimi ukuba kube yibo abakhiqiza izimbewu kunokuthi bahambe bayozithenga ezinkampanini ezinkulu ngoba lokhu kudla itshe lemali. Isikhulu esiphethe ihhovisi elingaphansi kukaMasipala Ugu, uNksz Matho Gwala sithe kulo masipala esiwuphethe banamawadi angamashumi ayisishiyagalombili nesithupha, abeluleki abangamashumi amane nesishiyagalombili nochwepheshe bezolimo abathathu.

Udokotela wezilwane uyedwa bese kuba ngamakhosi aseNdlunkulu angamashumi amane nantathu. Uqhube wathi le ndawo inothe kakhulu ngobhontshisi kanye nangoM doni.

Umphakathi wakule ndawo ugqugquzelwa kakhulu abeluleki ekutheni baqinisekise ukuthi umuzi nomuzi uba nayo ingadi kanti futhi bayanikwa izimbewu ekutheni bakwazi ukuqala izingadi emakhaya kuqhuba Nks Matho Gwala. Lokhu kuhloswe ngakho ukuthi bakwazi ukuzikhiqizela ukudla okunomsoco emakhaya.

Kunemali engango-R3,5 million esetshenziselwe ukuba kuthengwe izimbewu, umanyolo kanye nokukhokhela ogandaganda abalimela abalimi bakule ndawo.

Kulindeleke ukuba kwakhiwe idamu elizosiza abafuyi kanye nabalimi bakule ndawo. Imbewu yamakhowe isifikile kanti baphezu kwezinhlelo zokuba bayikhiphele abalimi, kusho uNksz Gwala.

Lo mhlangano uphethe ngokuthi abekomidi kuzomele babuye kulo masipala ukuzobheka ukuba ziqhubeka ngendlela okuyiyo izinhlelo zikahulumeni zokuhambisa izidingongqangi emiphakathini engaphansi kwalo masipala wasoGu.

# UNGQONGQOSHE WEZOLIMO UTHI PHEZU KOMKHONO!

SIMPHIWE NDWANDWE noPHILANI NDLOVU

**LETHWESE** ihlobo utshani bumanzi, izimbali nemithombo, amanzi axhaphakile ezingxenyeni eziningi ezweni, konke lokhu kuyizinkomba zokuthi sesifikile isikhathi sokuba isiFundazwe sonkana sisho sithi Phezu Komkhono!

Yingalesi sizathu uMhlonishwa uNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya esiFundazweni uMhlonishwa uThemba Mthembu esehlabe ikhwelo walibhekisa kuwo wonke amabandla enxusa ukuba amabombo abhekiswe emasimini kuyokhiqizwa ukudla kwesizwe.

Lo mkhankaso awubiza nge-Multi Planting Season, okusho ukulima ngazo zonke izinkathi zonyaka, uwethule eHarding muva nje endaweni yaKwaJali.

Nakuba uMthembu egqugquzela ukuthi isizwe silime ngazo zonke izinkathi zonyaka kodwa le nkathi esikuyo manje yasehlobo uthe yiyona ekahle ngoba izitshalo eziningi ziyethaba ngenxa yokuba khona kwamathuba amahle emvula. Ethula inkulumo yakhe uNgqongqoshe uMthembu uthe ngalo mkhankaso uMnyango uhlose ukugqugquzela abantu abakhele isifundazwe saKwaZulu-Natali ukuba basukume ngobuningi babo bakhuthalele kakhulu ukulima, ikakhulukazi njengoba isiFundazwe sakithi senganyelwe kakhulu ububha kanye nokwentuleka kwamathuba emisebenzi. Umkhankaso kaMvelase uhambisana nesiqubulo soMnyango esithi "Masenze ezoLimo usikompilo lwethu" kanti njengoba kusehlobo nje umkhankaso oqondene nale nkathi uthi "Phezu koMkhono".

Uphinde wakhuthaza kakhulu nentsha ukubamba iqhaza ekulimeni nasekuzibandakanyeni kwimikhakha eyehlukene yezolimo nokuzoyisiza kakhulu ukudala amathuba emisebenzi nasekuyiqeqesheni ikwazi ukuzivulela awayo amabhizinisi ingalimeli ukudla kuphela.

UMthembu uthe uMnyango wezolimo uzowahambela onke ama-District njengoba ebevula ngokusemthethweni lesi sikhathi sokutshala e Harding nokuyindawo engaphansi kwesiFunda Ugu.

Ngaphambi kokuhlangana nezindimbane zabantu abebethamele lo mcimbi etendeni elikhulukazi eMfundweni Sports ground, uMthembu uhambele umsebenzi omuhle wasendaweni okungumfelandawonye obizwa ngeNsaseni Mkhoba Project ekhiqiza ummbila nobhontshisi nokuyilapho uMnyango wezoLimo unikelele khona ngezinsiza kusebenza ezinjengogandaganda, amageja, ucingo lokubiyela kanye nokunye okuningi. Injabulo ibibhalwe emehlweni kwabesimame ababalelwa emashumini ayisithupha nanye abangamalungu alo mfelandawonye bebekikiza behlabelela kuyinjabulo yodwa, bazwakalisa ukubonga kakhulu eMnyangweni wezoLimo ngobenzele khona.



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, ubebuka ngesikhathi abasebenzi boMnyango wakhe befaka imbewu egejeni likagandaganda sekulungiselwa ukuthi aqale ukutshala njengoba bekuvulwa inkathi yokulima KwaJali e-Harding muva nje.* ***Isithombe:* MPILO KHUMALO**

Amalungu omphakathi okukhulunywe nawo athe lezi zinsiza kusebenza zizoba olukhulu usizo emsebenzini wabo.

INkosi yesizwe uZ Jali ibonge kakhulu igalelo loMnyango wezoLimo ekwelekeleleni isizwe sayo emkhakheni yezolimo yase ithi kuzozuza abantu abaningi ngalo mkhankaso esizweni sayo.

UMthembu uthe njengoba ethi makuyiwe emasimini uyazi ukuthi kudingeka uhlelo lokuhlinzekwa ngogandagandaga bokulimela abantu lube nalo selushelela.

Mayelana nalokhu uthe kumanje uMnyango neziphathimandla basebenza ngokuzikhandla ukuze kulungiswe indaba yokuntuleka kogandaganda wathi maduze bazotholakala futhi ubuhixihixi obebukhona phambilini buyobe sebulungisiwe.

Ekuphethini ugcizelele kumalungu omphakathi ukuthi ukutshala zonke izikhathi zonyaka kuzosiza ukunyusa umthamo wokudla kulesi siFundazwe.

Uthe lo mnyango uhlose ukuthi kukhuphuke izinga lokukhiqiza ukudla okunomsoco kuphinde kukhuliswe abalimi basuke esigabeni sokulimela imindeni yabo balimele ukudayisa.

**UMnu MXOLISI KAUNDA**

**UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL**



# UKAUNDA WETHULE NGOKOMTHETHO INYANGA YEZOKUTHUTHA KWAZULU-NATAL

AKHONA DLAMINI

Zethulwe ngesasasa izinhlelo zeNyanga yezokuThutha ka-October KwaZulu-Natal emcimbini obuwenzelwe eThekwini. Ukwethululwa kwalezi zinhlelo zenyanga yezokuThutha kuqale ngokuthi uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda atheleke kungazelele muntu emabhilidini ahlala abantu emgwaqeni uMahatma Ghandi (Point Road) ngenhloso yokukhuculula izidakamizwa nokubheka ukuthi abahlala khona basemthethweni.

Ubuye wahambela imvimba-mgwaqo ebisemgwaqeni uMargaret Mncadi (Victoria Embarkment) nasemgwaqeni u-M4. UKaunda umemezele izinhlelo zenyanga yezokuthutha wathi zihlanganisa ukuqinisekisa ukuphepha emgwaqeni okuhambisana nezivimba-mgwaqo, ukwakhiwa kwengqalasizinda nokuphuthunyiswa ngesivinini kohlelo lwezinguquko kwezomnotho.

Phakathi kwabebeyingxenye yomcimbi kubalwa uMphathiswa wezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu uNkk Nomusa Dube-Ncube, iMeya yaseThekwini uKhansela Zandile Gumede, amakhosi, abazenkolo nabaholi bezinhlaka ezahlukene emkhakheni wezokuthutha.

"Ukugasela kwethu kula mabhilidi ahlala abantu kulandela imibiko esiyitholile yokuthi lezi zakhiwo zifuye izigebengu nabantu abaqhamuka kwamanye amazwe abangenazo ngisho izincwadi ezibagunyaza ukuhlala kuleli lizwe.

Lezi zigebengu zibandakanyeka emisebenzini eminingi yobugebengu obuhlanganisa ngisho ukushushumbiswa kwezidakamizwa.


*USihlalo weSANTACO KwaZulu-Natal uMnu Boy Zondi, iMeya yeTheku uKhansela Zandile Gumede, uMphathiswa wezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu uNkk Nomusa Dube-Ncube noMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda bavula ngokusemthethwenu amahhovisi kanokusho amasha erenki yamatekisi emakethe eThekwini.*

Ngokusebenzisana noMasipala weTheku, sizokhuculula lezi zakhiwo ukuqinisekisa ukuphepha kwalezi zakhiwo kanye nokuphepha komphakathi," kusho uKaunda

Kulezi zivimba-mgwaqo ebezididiyele izinhlaka ezihlukene okubalwa kuzona amaphoyisa akwa-RTI, SAPS, abakwa-SARS namaphoyisa kaMasipala weTheku kumiswe izimoto ezingaphezu kwezingu-217, kwahlawuliswa abangu-12 ngamacala ehlukene kwaboshwa namatekisi ayishumi ngamacala ehlukene omgwaqo.

"Njengohulumeni waKwaZulu-Natal sizoqinisa umthetho nokusebenza kwamaphoyisa ngenyanga ka-October nangazo zonke ezinye izikhathi zonyaka ukuqinisekisa ukuthi sisindisa izimpilo zabantu emgwaqeni. Inhloso yalezi zivimba-mgwaqo ukuqwashisa abashayeli ngokubaluleka kokuhlonipha imithetho yomgwaqo ukuze kunciphe izingozi.

Sikwazile ukunciphisa izingozi zomgwaqo ngamaphesenti angu-1.2 kusuka kuFebruary kuya kuJune kulo nyaka. Thina sizoqhubeka nokusebenza ngokungakhathali ukuqinisekisa ukuthi senza okungaphezulu kunalokhu kusukela manje kuze kushaye uDecember," kusho uKaunda.

Kulo mcimbi kuphinde kwavulwa ngokomthetho amahhovisi akhiwe erenki emakethe azosetshenziswa ososeshini abahlanu.

La mahhovisi kanokusho akhiwe ngemali elinganiselwa ku-R1.4 million. UKaunda uthe kuyajabulisa ukubona ukuthi abemboni bazimisele ngokuhlala phansi emahhovisi baxoxisane ukuze bathole izisombululo ezizobasiza ukufukula imboni yabo baphinde babuyise nesithunzi semboni.

# Kulethe ithemba ukufika kwethimba likahulumeni eCopseville

AKHONA DLAMINI


*Umzuzu obe matasa ngenkathi uMphathiswa uMnu Mxolis Kaunda nethimba lakhe bekhuculula ukungcola emgwaqeni eCopseville ngaphansi kohlelo luka-Operation Sukuma Sakhe (OSS).*

Ukutheleka kukaHulumeni wesifundazwe endaweni yaseCopesville, eMgungundlovu uholwa uNdunankulu uMnu Willies Mchunu kulethe ithemba kwizakhamizi zakule ndawo njengoba izinselelo abaphila ngaphansi kwazo kulindeleke ukuba zixazululeke.

Ukuhambela kwesiGungu sikaHulumeni kule ndawo bekungaphansi kohlelo lwesifundazwe olubizwa nge-Operation Sukuma Sakhe (OSS) olubheka izinkinga imiphakathi yakuleyo ndawo esuke ihanjelwe abaphila ngaphansi kwazo.

UMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ubehambele umphakathi waku-Ward 29 lapho efike wazibonela nezinkinga umphakathi ophila ngaphansi kwazo.

Lokhu kuhlanganisa izinga eliphezulu lobugebengu okudalwa izinga eliphezulu lamathaveni avulwa kuze kuse kanye nezinga eliphezulu lentsha engasebenzi.

UKaunda nethimba lakhe baqale uhlelo losuku ngokuhlanza umgwaqo wakule ndawo e-Copesville obusuphenduke indawo yokulahla udoti, base behambela imizi eyahlukahlukene emphakathini ukuyohlola isimo sokuhlala wase enikezela ngezimbewu zokutshala namathuluzi okutshala ngaphansi kohlelo lwe-One Home One Garden.

Ube esedlulela e-Copesville Community Hall lapho ebikelwe khona ngezinkinga ezahlukahlukene ezimayelana nobugebengu, ukushoda kwezithuthi zomphakathi nezokuhlaliswa kwabantu.

Ikhansela lendawo uMnu Sphamandla Madlala uchazele uMphathiswa ngezinga eliphezulu lobugebengu kule ndawo akholwa ukuthi kudalwa ukushoda kwamathuba emisebenzi.

Ube esenxusa ukuthi uHulumeni adale amathuba emisebenzi yikhona kuzogwemeka izigigaba zobugebengu endaweni wabuye wacela ukuthi kwandiswe nesibalo somphakathi ohlomula ngaphansi kohlelo lwe-EPWP.

"Siyakhala nangezithuthi zomphakathi ngoba azifinyeleli kwezinye izindawo zomphakathi nokwenza ukuthi ungaphephi ngokugcwele ngoba abantu bahamba amabanga amade ukufinyelela esitobhini samatekisi.

Enye inkinga esibhekene nayo umgwaqo owakhiwa endaweni yaseHaniville owasuezinhlelweni zokufakelwa itiyela kodwa wagcina ungaphothulwanga umsebenzi ngenxa yezinkinga ezithize, siyacela uMphathiswa ukuthi angenelele kulolu daba," kunxusa uMadlala.

Eziphendulela uKaunda uthe: "Ngiyawubophezela uMnyango wami wezokuPhepha koMphakathi ukuthi amaphoyisa azosebenza ngokweqile kule ndawo ukugwema ubugebengu. Ngithanda ukunxusa wonke amalunga omphakathi ukuthi asebenzisane namaphoyisa ekulweni nobugebengu ngoba amalunga omphakathi azazi kangcono izigilamkhuba zendawo.

Sizobuye siphenye nala mathaveni esibikelwa ukuthi asebenza ngokungekho emthethweni. Uma sithola ukuthi abanikazi bawo abanawo amalayisensi sizowavala.

Kanti ke nodaba lwenselelo yezithuthi zomphakathi sisazoludingida kabanzi sizame ukuthola isixazululo esizokwazi ukusiza umphakathi."

# UMnu MTHANDENI DLUNGWANE

**UNGQONGQOSHE WEZEMFUNDO KWAZULU-NATAL**



# IPHENDUKANI FULL SERVICE SCHOOL ISIGCOTSHWE NJENGE HEALTH PROMOTING SCHOOL

**MBALI ZULU**

Uma uqhamuka emagcekeni esikoleni sase Phendukani Full Service High School uhlangatshezwa ubuhle, ubunono nenhlanzeko ebabazekayo kulamagceke alesikole esiseMadadeni esigcemeni sase 6. Inhlanzeko ebabazekayo yalesisikole kube ngenye yezizathu ezenze uMnyango weZempilo ekwisiFunda saseMajuba ukuba uqoke lesisikole njengesikole esizothuthukisa ezempilo esikoleni nase mphakathini wonkana.

Bekuphume ngisho esinedolo kubantu baseMadadeni ukuzothamela umcimbi wokugcotshwa kwesikole ngokusemthethweni.

Lomcimbi ubuthanyelwe ngaphakathi emagcekeni esikole kwindawo enhle yokupaka izimoto ebizwa nge Queen Nandi Drive.

Phakathi kwezihambeli ebezihambele lomcimbi bekukhona abavela eMnyangweni weZempilo, uMnyango weZemfundo, abavele emaphoyiseni, uMaspala waseNewcastle, ngaphansi kobuholi buka Meya, u Cllr Makhosini Nkosi, kanye nabanye.

Intokozo ibibhalwe ebusweni kubo bonke abantu abebekade bethula izinkulumo ngenxa yomsebenzi omuhle owenziwa isikole. Ngaphandle kwemiphumela emihle kamatikuletsheni, okuqaphelekayo kuzo zonke izikhulumi zosuku kube ukutusa indlela abafundi bakulesisikole abagqoka ngayo umfaniswano wabo, inhlazeko kanye nokuziphatha ngenhlonipho.

UNkk Gloria Rasa obevela eMnyangweni weZempilo, ethula inkulumo yakhe ngomyalezo ebewiphathiswe uNgqongqoshe weZempilo, UDkt Sbongiseni Dlomo uthe, "kuyintokozo enkulu ukuhlanganyela nani kulendawo namhlanje ngenxa yomsebenzi




*Isikole iPhendukani Full Service School ese Majuba District yethulwe ngokusemthethweni njenge Health Promoting School.* ***Isithombe:* SPHAMNDLA CELE**

omuhle owenziwe isikole iPhendukani ukuba ithole ithuba lokugcotshwa ngokusemthethweni njengesikole esizothuthukisa ezempilo emphakathini (Health Promoting School).

Siyanihalalisela namhlanje, siyathokoza ngenxa yokusebenza kwenu kanzima, sinifisela ukukhuthala okungapheli, inhlanzeko, nesimo sonke sesikole sengathi singahlala sinjengalesi esiyisona namuhla." kunaba uRasa. Zingaphezu kwekhulu nanye (101 ) izikole esiFundazweni sa KwaZulu-Natal ezehlukile kwezejwayelekile (Special Schools). I Phendukani Full Service High School ingesinye sezikole ezimbalwa esiFundazweni ukuthi kuthi sibe isikole esijwayelekile kodwa sikwazi nokunakekela abantwana abaphila nokukhubazeka.

UNkk Thembelihle Gumede, obemele uMphathiswa weZemfundo esiFundazweni, uMnu Mthandeni Dlungwana, ethula inkulumo yakhe yosuku ubongele uThishanhloko wesikole, uMnu Bheki Kubheka, iSGB kanye ne School Management Team ngomsebenzi omkhulu abawenzayo wokuthuthukisa imfundo.

"Loluhlelo luzoletha ikusasa eliqhakazile kubafundi nasemphakathini wonkana, abafundi bazothuthuka kakhulu olwazini lwamakhono, nakusimo mqondo nakwezenhlalakahle." kubeka Nkk Gumede.

Lolusuku luphethe ngokuthi uThishanhloko azibongele kubobonke othisha nesigungu sesikole ngokuzikhandla kwabo bezinikela emsebenzini wabo ngokuthembeka.

Kube sekuba khona uhlelo lokwamukeliswa kwezitifiketi kothisha abasebenze ngaphezu kokwamukelekile.

"Ukuze isikole sifike kulelizinga elikusona kungenxa yomsebenzi onzulu owenziwa othisha abakhuthele. Indawo ehlanzekile nomqondo ophilileyo unika ukuziqhenya okuletha impumelelo," kunaba Thishanhloko u Kubheka.

Ukubheka ubuye wemukila isitifiketi esivela eMnyangweni weZempilo esiqinisekile ukugcotshwa kwesikole njenge Health Promoting School.

# Kube nenhlokomo kwamukelwa uhlelo oluzosiza abafundi ezikoleni

**SBONISIWE SHEZI**

Lwemukelwe ngenkulu inhlokomo uhlelo okuhloswe ngalo ukusiza abafundi nothisha ezikoleni ezakhele izindawo zasemaphandleni. Lolu hlelo olwaziwa nge-Rural Education Assistant Project (REAP), luthulwe ngokusemthethweni mhla zingu 27 kuSeptember eCarter High School eMgungundlovu.

Lo mcimbi obuseqophelweni eliphezulu, ubuhlelwe nguMnyango weMfundo eyisiSekelo kuZwelonke ubambisene noMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal.

Ukwethulwa kwe REAP bekuhanjelwe abasizi bothisha ezikoleni (Educational Assistants), abaQondisi bazozonke izifunda ezakhele iKwaZulu-Natali, I hhovisi lika Ngqongqoshe wezeMfundo kwaZulu-Natali, izinyunyana, nezigungu zabazali ezilawula ezemfundo ezikoleni kanye nabanye.

UDkt Enock Nzama oyiNhloko yoMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal, okunguyena obephethe uhlelo kulomcimbi, uthe iREAP wuhlelo olusahlolwa olugxile ekuthuthukisweni kwezemfundo ezindaweni zasemakhaya.

Intsha engu 250 yasezifundeni uMzinyathi kanye neLembe izohlomula njengoba seyiqalile ukusebenza ngaphansi kwalo. Laba basizi bothisha abanebanga likamatikuletsheni baqeqeshelwe ukulekelela othisha ezifundweni ezinjenge Maths,izilimi, isayensi nezinye kusuka kuGrade 1 kuya kuGrade 4.

"Siyabonga impela kuNgqongqoshe weMfundo eyisisekelo ngaloluhlelo ukuthi isifundazwe sethu iKwaZulu-Natali sibalwe nezinye ezizohlomula kulo.

Kusemandleni ethu njengesifundazwe ukuthi loluhlelo silwenze lube yimpumelelo, kuzuze umphakathi, intsha yethu, luphinde luguqule isimo sezemfundo esifundazweni." Kusho uDkt Nzama. UMnuz Seliki Tlhabane onguMqondisi omkhulu eMnyangeni wezeMfundo kuZwelonke, obemele uNgqongqoshe UNkk Angie Motshekga uphawule wathi iREAP wuhlelo lweminyaka emithathu olubandakanya intsha engama - 750 eqeqeshelwe ukuba isebenze ngaphansi kwaloluhlelo ezifundazweni ezintathu okubalwa kuzo I KZN, Eastern Cape kanye



*Intsha elindele ukuhlomula kuloluhlelo le REAP ngesikhathi lumenyezelwa ngokusemthethweni Emgungundlovu.* ***Isithombe:* SIBANI NGOBESE**

neLimpopo. Yizikole ezingama-188 ezizoxhaswa kuloluhlelo. Lezi zifundazwe zikhethwe emva kocwaningo olwenziwe yithimba elijutshwe nguNgqongqoshe ukuthi luphenye kabanzi ngemfundo ukuze kuthukiswe ezemfundo kuzwelonke. Inhloso ukuthi iRAEP ikhuliswe ibe wuhlelo oluzosetshenziwa uhulumeni ukuze ithuthukise izinga lezemfundo kubantu abahlala ezindawe zasemakhaya, njengoba nabo befanelwe amathuba angcono. Usihlalo we SADTU e KZN, uMnuz Phumlani Duma uthe bayalwamukela loluhlelo njengoba luzosiza ezikoleni zasemakhaya.

Ube esenxusa abafundi abangabasizi bothisha ukuba imali abazobe beyiholelwa nguMnyango bayisebenzise ngobuhlakani ekuqhubeni izifundo zabo, ukuze babeneziqu bakwazi ukuthola amathuba angcono. Uqhube wathi uyazibongela izifunda ezihlomule kuloluhlelo. "Sengathi lungasheshe luqale nakwezinye ezingenazo izikole ezisemadolobheni, ezinjenge Majuba,uMkhanyakude kanye neZululand,"
Kubeka uMnuz Duma.

UNksz Lindiwe Mngoma wasesifundeni uMzinyathi ongomunye wabasizi ngaphansi kwalolu hlelo uthe abafundi babanomthamo omkhulu womsebenzi umasebeya kwaGrade 4 njengoba kusuke sekwengezwe izifundo, sekufundwa nangolimi lweSingisi.

"Ukubakhona kwethu njengabasizi bothisha kuzosiza kulezi zikole ukwehlisa umthwalo emahlombe othisha. Siyazibophezela ekutheni sizowenza ngokuzinikela lo msebenzi," kusho uNksz Mngoma.

Usihlalo wesigungu esilawula abazali uMnuz Bernard Masondo uhalalisele abasizi bothisha nabafundi ngoxhaso abanikwe lona nguhulumeni, wabe esethi lolu hlelo njengabazali bazolwamukela ngazo zombili.

# UKaunda uvule isakhiwo samabhasi axhaswe nguhulumeni

**STHEMBILE LUTHULI noNHLAKA CHAMANE**

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uhlabeke umxhwele ngempumelelo esikhonjiswe ngosomabhizinisi abathutha umphakathi baseShowe kulandela ukuvulwa kwedepho yamabhasi esisezingeni eliphezulu abazakhele bona.

UKaunda uvule ngokomthetho lesi sakhiwo sikanokusho esakhiwe yinkampani yamabhasi Umlalazi Bus Service okungabanye bezinkampani ezihlomula ohlelweni loMnyango wezokuThutha lokuxhasa amabhasi, iBus Subsidy Programme.

Ngokuhambisana neRadical Socio-Economic Transformation, okuwuhlelo lokuletha uguquko kwezomnotho, uMnyango wanikezela ngenkontileka yokuthutha ngamabhasi enkampanini ephethwe ngabanikazi bamatekisi abasungule umfelandawonye ngaphansi kukaMasipala uMlalazi.

Lo mfelandawonye ohlanganisa iGingindlovu Taxi Association, iKing Dinuzulu Taxi Association neShowe & District Taxi Association, usebenza emizileni ewu-8 kanti okwamanje unamabhasi angu-14 asebenzayo.

Lesi sikhungo samabhasi esidle u-R3.5 million sekuhlangene nefenisha namakhompyutha, sinendawo yokupaka amabhasi kanye nendawo yokukhanda yomakhenikha, i-workshop. Bangu-38 abantu bendawo asebeqashwe lapha kuhlanganisa abashayeli, abasizi base-worshop, ama-clerk, ocashier, abahloli nonogada.

Kulaba kukhona intsha engu-26, abadala abangu-12, oyedwa onokukhubazeka, kanti bebonke kunabesilisa bangu-29 nabawu-9 besifazane.

Echaza ngohlelo uKaunda uthe uMnyango waqala ngokuzamela osomabhizinisi ngamasub-contract ngomgomo wokuthi izinkampani zamabhasi ezinkulu ezithola inkontileka kumele zinikezele ngo-10% womsebenzi kubanikazi bamabhasi abancane.

"Buningi-ke ubuhixihixi obuqhamuke nalolu hlelo njengoba ezinye izinkampani ezinkulu bezingayilandeli imigomo yesivumelwano bagcine bengasatholi lutho laba bezinkampani ezisafufusa.

"Ngohlelo olusha manje, uMnyango wezokuThutha usuwakhe izivumelwano ezintsha lapho izinkampani ezisafufusa zithola izigidi zamarandi emixhaso.

"Kulo nyaka wezimali ka-2018/19 uMnyango ufake imali yama-subsidy ebalelwa ku-R257.9 million ezinkampanini ezingu-11 ezinamabhasi angu-220 esehlangene wonke esifundazweni.

Ngenyanga lezi zinkampani zikhokhelwa imali engu-R21.4 million sezizonke," kuqhuba uKaunda.

UMphathiswa ube esebophezela uMnyango wakhe ukuthi uzosebenzela ukuthi ubunikazi bamabhasi obungu-70% buye kwabamnyama abangama-Afrika ukuze kuqinisekiswe ukusabalaliswa komnotho ngokwezibalo zabantu esifundazweni. Ube esebonga neThala Bank elakwazi ukungenelela lavuma ukuboleka inkampani imali yokuthenga amabhasi. "Siyajabula uma izikhungo ezinjena ngaphansi koMnyango wokuThuthukiswa koMnotho ziphendula ezidingweni zentuthuko yabantu nokuthi zikwazi ukubona lapho kunamathuba okukhula kwamabhizinisi.

Lokhu kwenza ukuba uhulumeni usebenze ngendlela ehlangene yize kuyiminyango ehlukene," kuphetha uKaunda.



*UMphathiswa uMnu Mxolisi ubongela ngokuxhawula uMnu Thamsanqa Ngcobo onguSihlalo wenkampani uMlalazi Bus Service ngenkathi kwembulwa umbhalo oyisikhumbuzo sokuvulwa ngokomthetho kwedepho yamabhasi.*


*UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda, iMeya kaMasipala uMlalazi uKhansela uThelumoya Zulu, uSihlalo wabaHoli boMdabu KwaZulu-Natal iNkosi Phathisizwe Chiliza namalungu ekomiti loMlalazi Bus Service ngenkathi kuvulwa idepho yamabhasi entsha.*
***Izithombe:* MBUYISELO NDLOVU**

# Bethulwe umthwalo abemboni yokuthutha umphakathi eMkhanyakude

**NONHLANHLA NDWANDWE**

Kulethe injabulo ukuvulwa ngokusemthethweni kwamahhovisi amalayisensi okuthutha umphakathi eMbazwana njengoba abanikazi bamatekisi bebechitha izimali ezishisiwe ukuyofuna izimvume. Lesi sikhungo sivulwe uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMxolisi Kaunda eMbazwana ngaphansi kwesifunda saseMkhanyakude muva-nje.

Abanikazi bezithuthi zomphakathi ngaphambi kokuthi kuvulwe la mahhovisi bekudingeka ukuthi bachithe amahora alinganiselwa kwangu-12 ukuya nokubuya eMgungundlovu ukuyovuselela noma ukubhalisela ukusebenza kwezimoto zabo.

Konke lokhu sekuyinto yakudala njengoba sebezohamba ibanga elifishane kakhulu.

UMphathiswa uKaunda ehalalisela labo somabhizinisi uthe lokhu kungenye yemizamo yoMnyango yokusondeza izinsiza-kusebenza kubantu nokunqamula amabanga amade ahanjwa izakhamizi ukuyofuna izidingo. "Ngonyaka ka-2012 isifundazwe sethu saba ne-Taxi Indaba ngaphansi kobuholi bukaNdunakulu Willies Mchunu ngesikhathi esangamele lo Mnyango. Phakathi kwezinqumo ezathathwa kuleyo ngqungquthela kwaba ukuphucula ukusebenza kwebhodi ukusabalalisa amahhovisi asondele ngokwezifunda," kusho uKaunda.

Ukuvulwa kwaleli hhovisi laseMbazwana kwenza libe ngelesihlanu ukuvulwa kwala mahhovisi sekuhlangene neNhloko-hhovisi. Amanye kubalwa elaseMnambithi, ePort Shepstone naseMpangeni. Leli hhovisi lisetshenziswa ososeshini abangaphansi kwesifunda saseMkhanyakude okubalwa kubona uMhlabuyalingana, eJozini, eMkhuze neNgwavuma.

"Esikhathini esedlule abanikazi matekisi bebephoqeleka ukuthi baye eMgungundlovu kuphela.

Lokhu bekuba nomthelela omubi onjengokuthi bafike kuthiwe imishini ayisebenzi bese kudingeka ukuthi babuyiselwe emuva," kuchaza uKaunda. Selokhu leli hhovisi liqalile ngoJune wonyaka odlule zibalelwa ku-510 izicelo esezifakiwe, zaba ngu-263 izimvume zokusebenza ezigayiwe phakathi kwazo kukhona ezingu-114 ezisalinde ukuthi zilandwe abanikazi bazo bese eba ngu-117 amalayisensi asetshenzwayo.

UMnu Jabulani Manqele, uNobhala we-SANTACO esifundazweni ubonge kakhulu uMnyango wezokuThutha ngokubasondezela amahhovisi aduzane nathe kwenza izimpilo zabo zibe ngcono kakhulu kunakuqala.

Ube esenxusa bonke abanikazi bamatekisi ukuthi bawasebenzise lama hhovisi ngokukhulu ukucophelela ukuthola izimvume kunokuthi basebenzise izindlela zomgunyathi ukuzithola.


*UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolis Kaunda ubehambisana neMeya kaMasipala Umhlabuyalingana uKhansela Nkululeko Mthethwa, iMeya yesiFunda Umkhanyakude uKhansela Solomon Mkhombo, noSihlalo wabaHoli boMdabu KwaZulu-Natal iNkosi Phathisizwe Chiliza neNkosi yakwaZikhali ngenkathi kuvulwa ngokomthetho amahhovisi amalayisensi okuthutha umphakathi eMbazwana, enhla nesifundazwe.*


*Uhluleke nokuzibamba yinjabulo uNkk Z Nsele weMbazwana Taxi Association ngenkathi emukela ilayisensi yakhe yokuthutha umphakathi. Lapha uhaliselwa uMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda, uMeya kaMasipala Umhlabuyalingana uKhansela Nkululeko Mthethwa noNobhala weSANTACO esifundazweni uMnu Petrus Manqele..*
***Izithombe:* MBUYISELO NDLOVU**